"Ukulandela uJesu kudinga inhliziyo ephenduke ngokuphelela kuqala, lokuphindwa phindwa kwenguquko **nsuku zonke**."[41] Ngakho-ke, ukuphelela bekungaba yikuzinikela ekuphendukeni, ngeke kusilethele lutho ngaphandle kokuthi sibebatsha **nsuku zonke**…."[42] "Zinikele kuNkulunkulu ekuseni; ukwenze kube ngumsebenzi wakho wakuqala lowu. Yenza umthandazo wakho ube yilowu, "Ngithathe Nkosi, ngiphelele nginje. Ngibeka wonke amacebo ami ezinyaweni zakho. Ngisebenzise lamuhla emsebenzini Wakho. Hlala lami, wenze umsebenzi wami wonke ukhokhelelwe Nguwe." Le yinto yansuku zonke. Ekuseni nsuku zonke, zinikele kuNkulunkulu ngokwalolo suku. Unikele amacebo akho wonke Kuye, ukuthi aphumelele kumbe ayehlule njengalokho kuvela Kuye. Ngakho nsuku zonke unikela impilo yakho yonke ezandleni zikaNkulunkulu, impilo yakho iqhubeka isakheka njengempilo kaKristu."[43]

UMorris Venden wathi:

"Nxa ungakananzeleli ukudingeka kokuphenduka nsuku zonke, kungaba yinto enhle ukunanzelela empilweni yakho. Imbono evela ku*Mount of Blessing,* ikhasi 101, yenza lesi sithembiso: 'nxa ungadinga iNkosi njalo uphenduke nsuku zonke, ukukhala kwakho konke kuzakuthuliswa, ubunzima bakho bonke buzakususwa, inhlupho zakho zonke ezikuhluphayo zilungiswe.'"[44]

Ukuhlala sikuJesu ngokudalwa kutsha kokuzinikela kuqakatheke njenge ndlela esasiyiyo yona sibuya Kuye.

UMorris Venden utsho lokhu ngokungezelela: "Ubudlelwano bokubambana loNkulunkulu nsuku zonke kuletha ukuzikela, isikhathi ngesikhathi siyama Kuye."[45]

Singaba lesiqiniseko ngokuthi: nxa sizinikela sisazi kuJesu nsuku zonke ekuseni, siyabe sisenza lokho Yena akhangelele ukuthi sikwenze, ngoba Wathi: *"Wozani Kimi…"* (Matewu 11:28) lokuthi *"... lozayo Kimi angisoze ngimxotshe sibili."* (Johane 6:37)

"INkosi iyafisa ukusenzela izinto ezinkulu. Asitholi kunqoba ngenombolo, kodwa ngokuzinikela ngokuphelela kuJesu. Siqhubela phambili ngamandla akhe, sithemba kuNkulunkulu olamandla wakoIsrayeli…"[46]

Amandla kaNkulunkulu angaphuma ngathi nxa sizinikele ngokuphelela Kuye, lokhu kuchazwe nguJohn Wesley ngokulandelayo: "uNkulunkulu angenza okukhulu ngomuntu oyedwa, ozinikele Kuye

---

[39] E.G. White, *The Acts of the Apostles,* (1911), p. 284.2

[40] E.G. White, *The Desire of Ages* (1898), p. 313.4

[41] Editor Francis D. Nichol, *Adventist Bible Commentary Vol. 1* (Review and Herald, 1976), p. 1113

[42] E.G. White, Review and Herald, Jan. 6, 1885

[43] E.G. White, Steps to Christ (1892), p. 70.1

[44] Morris Venden, *95 Theses on Righteousness by Faith* (Pacific Press, 1987), p. 96

[45] Morris Venden, 95 *Theses on Righteousness by Faith* (Pacific Press, 1987), p. 233

[46] *Sons and Daughters of God,* p. 279

ngokungamaphesenti alikhulu, kulangakwenza ngebutho lonke elizinikele kuNkululunkulu ngamaphesenti afika 99."[47] UEllen White waloba lokhu:

"Kuphela labo abazasebenza ndawonye loKristu, kuphela labo abazakuthi Nkosi, konke engiyikho khona lakho konke engilakho Nguwe, bazakubizwa ngokuthi ngamadodana lamadodakazi kaNkulunkulu."[53] "Bonke abanikela umphefumulo, umzimba lomoya wabo kuNkulunkulu bazakwala besamukeliswa ukuqiniswa ngokwamandla awenyama lawomoya… uMoya oNgcwele ukhipha amandla awo amakhulu kakhulu ukuthi asebenze enhliziweni lasengqondweni. Umusa kaNkulunkulu uyengeza njalo uyakhulisa izigaba zakho, njalo ukuphelela konke kwemvelo yobungcwele ibuya ukuzoncedisa emsebenzini wokuhlenga imphefumulo… njalo ngokuswel kwabo amandla njengabantu, bayenzwa banelise ukwenza izenzo eziveza amandla angapheliyo."[48]

Kunengi ngesihloko "sokuzinikela" nsuku zonke kumbe "ukungcweliswa" kumbe "ukunikela impilo yakho" kumbe "ukuphenduka."

Usuku 18

**Kungani Umuntu Kumele Ehlale Ecela Umbhabhathizo WoMoya Ongcwele Nsuku Zonke?**

Isicelo sokugcwaliswa nguMoya oNgcwele kuyisicelo sokuthi uJesu ahlale lami. Ngoba uphila kimi ngoMoya oNgcwele. Kodwa kungani kumele kubensuku zonke?

UE. G. White Uyatsho ku*Acts of The Apostles:* "Ekuzingcweliseni kwenceku kulenduduzo enhle kakhulu elwazini okokuthi loba loKristu esaphila emhlabeni wayecela kuYise **umusa wansuku zonke owawudingeka**… Umzekeliso Wakhe uyisiqiniseko sokuthi ngokuqiniseka, ukuzinikela kuNkulunkulu ngokukholwa – ukukholwa okuletha ukuthembela kuNkulunkulu, lokuzinikela okupheleleyo emsebenzini Wakhe – kuzavela ukuletha ukulanyulwa nguMoya oNgcwele ekulweni lesono"[55]

Nxa kwakuyindingeko yansuku zonke kuJesu, kungabe kuqakatheke kanganani kithi.

Ku 2 AbaseKhorinte 4:16 kulomqondo oqakathekileyo:

*"…umuntu wethu wangaphakathi **wenziwa abemutsha nsuku zonke."***

Umuntu wethu wangaphakathi udinga ukunakekelwa nsuku zonke. Kwenziwa njani ke lokhu ukwenziwa abemutsha? Ngokutshiwo NgabaseFesu 3:16-17, 19- kwenzakala ngoMoya oNgcwele. *"Ukuba ngokwenotho yobukhosi Bakhe **liqiniswe ngamandla ngoMoya Wakhe enhliziyweni,** uKristu ahlale enhliziyweni zenu ngokukholwa. Lokhu selilempande lesisekelo othandweni,…ukuze ligcwaliswe ngakho konke ukugcwala kukaNkulunkulu."* Ngokomvuzo:

- Ngokomlayo, kuyadingeka ukukhuleka insuku zonke ukuze senziwe kakutsha nguMoya oNgcwele.
- Ngempumela, uKristu uhlala kithi.
- Upha amandla ngokwenotho yobukhosi Bakhe emuntwini wethu wangaphakathi. Amandla kaNkulunkulu makhulu kakhulu.
- Kungakho uthando lukaNkulunkulu lufakwa enhliziyweni zethu.
- Njalo kuyindlela yokuthola impilo "ngokugcwala kukaNkulunkulu". (bona uJohane 10:10; AbaseKolose 2:10)

Amanye amazwi aqakathekileyo atholakala Kwabasefesu 5:18: *"…gcwalisekani ngoMoya."* Nanzelela ukuthi lokhu kudlula ukuba yisixwayiso. Ngumlayo ongcwele. UNkulunkulu wethu ukhangelela ukuthi sifune ukuphila loMoya oNgcwele. Oyingcitshi owesiGriki uthi amazwi lawa atsho ngokucacileyo –

---

[47] Dr. S. Joseph Kidder, Anleitung zum geistlichen Leben (Andrews University), PPP slide 14 [53] E.G. White, *The Desire of Ages* (1898), p. 523.

[48] E.G. White, *The Desire of Ages* (1898), p. 827.3 [55] *Acts of the Apostles*, (1911), p. 56.1

lawa ngamazwi kaJohannes Mager: "Zivumeleni ngokuphinda phindiweyo ukuhlala ligcwaliswa kakutsha nguMoya oNgcwele."[49]

Isifundo sethu sithi: "Ukubhabhathizwa ngoMoya oNgcwele kutsho ukubasemandleni oMoya oNgcwele ngokuphelela – ukugcwaliswa Nguye ngokuphelela. Lokhu akwenziwa kanye, kodwa okumele ihlale iphinda phindwa, uPhawuli uyakufanisa KwabaseFesu 5:18 ngebala lesiGriki elitsho "ukugcwaliswa". [50]

UPhawuli wabhala lokhu Kwabasefesu 5, laloba waloba okulandelayo kusahluko 1:13: "…kulowo njalo, nxa likholwa, laphawulwa ngoMoya oNgwele wesithembiso." Abase Efesu basebevele sebeyamukele uMoya oNgcwele. Kungelani, kwakufanele ukuthi bona: "baqiniswe ngamandla ngoMoya oNgcwele" njalo "begcwala uMoya oNgcwele" njalo "livume ligcwaliswe kakutsha ngoMoya ongcwele kakutsha." Kusahluko 4:30 uyasixwayisa ukuthi singadabukeli kumbe ukuthuka uMoya oNgwele.

UEllen White uthi:

"Ukubhabhathizwa **nsuku zonke** nguMoya oNgcwele, inceku yonke kumele iphe isicelo sayo kuNkulunkulu."[51]

"Ukuze sibelobungwele bukaKristu, kumele siguqulwe nsuku zonke ngamandla oMoya oNgcwele, ukuphatheka kusimo sobungcwele. Kungumlandu woMoya oNgcwele ukuphakamisa ukunambitheka, ukuhlamba inhliziyo, ukuphakamisa umuntu ephelele."[52]

INkosi yatsho kweyinye indawo ngaye: "labo abakhangwe nguMbhalo oNgwele njengelizwi likaNkulunkulu, befisa ukulandle imfundiso Yakhe yansuku zonke, bayabe befunda **nsuku zonke,** besamukela **umusa wakomoya lamandla,** okubekelwe okholwayo wonke kusipho esinguMoya oNgcwele."[53] Ukungeza kulokhu, wathi: "silandela uKristu nsuku zonke. UNkulunkulu kaniki ncedo olungolwakusasa."[54]

Kweyinye indawo: Ekuxhumaneni lobungwele, isikhathi sonke siqakathekile ekuthuthukeni kwethu. Besingabe sibelesilinganiso soMoya kaNkulunkulu, kodwa ngomthandazo langokukholwa, **siqhubeka sicela uMoya ngokugcwala kwawo."**[55]

Ngithola lokhu okucatshuniweyo: **"**udinga umbhabhathizo wansuku zonke owothando olwalusensukwini zabaphostoli olwalubenza bonke babemunye."[56]

AbaseRoma 5:5 iveza ukuthi uthando lukaNkulunkulu luthelwa enhliziyweni zethu nguMoya oNgcwele. Sithola okufanayo KwabaseFesu 3:17. Umbhabhathizo woMoya oNgcwele (ukugcwaliswa nguMoya oNgcwele) kwenza ngesikhathi sinye, umbhabhathizo wansuku zonke owothando (ukugcwaliseka ngothando lukaNkulunkulu). Ukungeza, KwabaseGalathiya 5:16 kuy[illegible]uthi ngokwempumela amandla esono ayephulwa.

Usuku 19

**UKUQAKATHEKA KOKUKHONZA KOMUNTU**

---

[49] Editor Werner E. Lange, *Unser größtes Bedürfnis* (Lüneburg, 2011), p. 42

[50] Sabbath School Study Guide July 17, 2014

[51] E.G. White, *The Acts of the Apostles* (1911), p. 50.2

[52] E.G. White, *Selected Messages 1*, (1958), p. 374.1

[53] E.G. White, *The Signs of the Times March 8,* 1910, par. 1

[54] E.G. White, *The Desire of Ages* (1898), p. 313.4

[55] E.G. White, *The Review and Herald*, March 2, 1897, par. 5

[56] *Testimonies to the Church* (1904), vol. 8, p. 191

Ukukhonza komuntu kuqakatheke ngani, nxa kuqakatheke kangako ukuthi nsuku zonke ngizinikele kujesu njalo ngigcwaliswe nguMoya oNgcwele?

Ukukhonza nsuku zonke lokugcina is|Sabatha kuyinsika yempilo engcwele yakomoya.

*"Ukuze sibelobungcwele bukaKristu, sidinga ukuguqulwa nsuku zonke ngamandla oMoya Ongcwele, ukubangabathi besimo sobungcwele."*

Sesihle sabala indinyana eziseBhayibhili lokucaphuna okuthile okulotshwe ngabalobi abatshiyeneyo. Kusitshengisa ukuthi umuntu ongaphakathi wenziwa abemutsha nsuku zonke. **Lokhu kuletha ukukhanya okucacisayo ngokuqakatheka okukhulu kokukhonza kwethu nsuku zonke.**

Insika sokukhonza ethabanekeleni kwakuyiminikelo yekuseni lantambama. NgeSabatha, kwakusiba lomunye umnikelo otshisiweyo njalo (Amanani 28:4, 10). Iminikelo etshisiweyo yayiqakatheke ngani?

"Umnikelo otshisiweyo wawuveza ukuzinikela okupheleleyo kwesoni eNkosini. Lapha, umuntu wayengasali lalutho, kodwa-ke, konke kwakungokukaNkulunkulu."[57]

"Amahola ayebekelwe umnikelo wekuseni lantambama ayethwathwa njengamahola angcwele, njalo ayegcinwa njengamahola aqakathekileyo awokukhonza phakathi kwabakoJuda bonke… ngesiko leli, amaKristu alesibonelo okumele basilandele ngenkonxo yekuseni lantambama. Lapho uNkulunkulu esola imbuthano eyenziwayo, engela moya wokukhonza, ukhangela ngenjabulo labo abamthandayo, bemkhonza ekuseni lantambama becela intethelelo yezono abazenzileyo lokuveza izicelo zezibusiso ezidingakalayo."[65]

Liyakunanzelela yini ukuthi inkonzo zansuku zonke zilokokwenza leSabatha njengensika yempilo zethu zakoMoya? Ukungeza, kuyacaca yini ukuthi kulokokwenza lokuzinikela kuJesu Kristu nsuku zonke, onxuswa ngoMoya oNgcwele ukuthi abuye azophila phakathi kwethu? Suke wenza isiko lakomoya eliqakatheke kakhulu labangelakho: ukupha uNkulunkulu ithuba kukho konke nsuku zonke? UJesu watsho lokhu kuntshumayelo Yakhe yasentabeni:

*"Kodwa funani kuqala umbuso kaNkulunkulu lokulunga Kwakhe, ukuze konke kungezwe kuwe."* Matewu 6:33

Umbuso kaNkulunkulu uyikuba usubeKristu enhliziyweni yakho khathesi. Yikho siding ukuzinikela nsuku zonke njalo lokucela uMoya oNgcwele phakathi kwezikhathi zokukhonza kwethu. Isikhathi sokuthatha isinqumo sizabakhona lapho sesame phambi kukaNkulunkulu: Besilabo yini ubudlelwano obuhlengayo loKristu njalo siyale siphila Kuye yini? (Bona uJohane 15:1-17) Awufuni okwengeziweyo yini – ukugcwalisisa ukukholwa kwakho?

Lowo oqeda isikhathi sakhe esincane kumbe engabi laso isikhathi sokuthula loNkulunkulu kumbe ulesikhathi esingenelliyo senkonzo ukuze uqiniswe yinkonzo kanye kumbe kabili ngeviki.

Ukuxeganisa: Kuyabe kungabe kulengqondo yini ukuzivuselela kanye ngeviki? Kakutsho yini ukuthi uMkristu ongakhonziyo ungowomhlaba?

Lokhu kutsho ukuthi nxa elokhe ekulesi simo kasoze asindiswe. Nxa singamaKristu omhlaba, ukukhonza kuyabe nje kuyinto yokwenza ingaveli kithi. Nxa singamaKristu omoya, ukukhonza kuyabe ke sokuyindingeko kithi.

---

[57] Fritz Rienecker, *Lexikon zur Bibel* (Wuppertal, 1964), p. 1017 [65] *Patriarchs and Prophets* (1890) p. 353.3

Iminyaka eyadlulayo ngabala ibhuku likaJim Vaus: *Ngangingumgulukudu.* Wayeyisigangi, esaphendukayo. Wavuma izono zakhe ngokupheleleyo – njengokuqamba amanga, ukweba, njalo njalo. Wabalokuhlangana lobungcwele ngendlela enkulu. Lokhu kwangithathekisa. Ngasengisithi kimi: ngenza kuhle phose kukho konke, kodwa kangihlangani lokunjalo. Ngasengikhuleka eNkosini: "Baba osezulwini, ngithanda ukuvuma izono zami zonke engizikhumbulayo njalo lezinye osazangivezela zona. Ngokungeza, ngizakuvuka ngiphangise ngehola ngikhuleke njalo ngibala iBhayibhili. Njalo ngifuna ukubona nxa uzangenela empilweni yami."

UNkulunkulu makadunyiswe! Wangenela empilweni yami. Kusukela khonapho, inkonzo yami yakusisa ixhumene leSabatha, isibeyinsika yempilo yami loNkulunkulu.

*Ngokuzinikela nsuku zonke langokugcwaliswa nsuku zonke nguMoya oNgcwele, impilo zethu zizakuguquka okumangalisayo. Lokhu kwenzakala phakathi kwesikhathi sethu sokukhonza.*

**BATHINI ABAFUNDISI?** (INGXENYE 1)

**Asenzi into eyodwa**: Sikhangele izixazululo ezinhle zazo zonke izinhlobo, kodwa asenzi into eyodwa: Cela igunya likaMoya oNgcwele. Ibandla liyakubona ukungabi lazithelo kwalo, umbono walo obuthakathaka kubantu. Ulomuzwa wokuthi igunya lakhe langempela alikho. Ekufuneni leli gunya, ukulungele ukuzama ukwenza yonke into, kodwa into eyodwa angayenziyo yikufuna igunya likaMoya oNgcwele. *M.L.-J., Telos 385*

**Buyela othandweni lokuqala**: Ngokugcwaliswa kukaMoya oNgcwele, ngaholwa ohambweni oluseduze loJesu, ngakhangelana lokubuyela kulolo 'thando lwakuqala' lweNkosi loMsindisi wethu, uJesu Kristu. Izinguquko zomuntu siqu zaqala ukwenzeka ngaphakathi kimi ezazingavela kuphela ekuhlaleni koMoya kaNkulunkulu. Enkonzweni yami, ngaqala ukubona amandla engangingakaze ngiwabone ngaphambili. *D. S.*

**Isipho esivela ezulwini:** Umbhalo wakho othi *Izinyathelo Eziya Ekuvukeni Komuntu Siqu* ngempela uyisipho esivela ezulwini, okokuqala kuwe bese kuba kubo bonke abafundi. Lakuba ezinye izincwadi zikamoya ezisebenzayo lezijulileyo zifikile ebandleni muva nje, le ncwajana iyamangalisa. Ngendlela ebumbeneyo kodwa eleminininingwane eminengi, indlela yokugcwaliswa ngoMoya oNgcwele iyavezwa. Labo abayifundayo abakwazi ukwenza ngaphandle kokwenza uluhlu lwabo olungokomoya futhi benze isinqumo. *H. H. 010512*

**Ngimotshe isikhathi ngokuthatha okubalulekile njengokusobala**: Ngifunda i- *Steps to Personal Revival* nge-Spanish okwesithathu. Ngisanda kufika eqophelweni lokuthi ngasichitha isikhathi esingakanani njengelunga lebandla futhi njengomfundisi wama-Adventist ngithatha okubalulekileyo njengokusobala ebudlelwaneni bami loJesu. Le ncwadi yafika kimi ngesikhathi esibaluleke kakhulu ekuphileni kwami lasenkonzweni yami. Engingakutsho nje yikuthi ngijabulela isibusiso ngoMoya oNgcwele empilweni yami ngendlela ehluke kangaka lolwazi. Ithesis yencwadi yaba yinto engokoqobo empilweni yami. E. L., EE 300319 kuvela e-USA #92

***Okuhlosileyo, Ngeke uphumelele kukho***

***Ngamandla ebutho njalo hatshi ngamandla omuntu:***

***Hatshi, umoya wami uzayenza kwenzeke! Ngiyathembisa, Jehova Nkulunkulu Sebawoti." (Zakariya 4:6)***

**Imicabango Yakho kanye lengqubo Yezingxoxo**

*1. Yiziphi izinyathelo ezibalulekileyo ukuze uhlale kuJesu?*

________________________________________________

________________________________________________

*2. Kungani kudingeka ukuzinikela nsuku zonke kuJesu?*

________________________________________________

________________________________________________

*3. Kungani kufanele nsuku zonke uthandazele ukugcwaliswa njalo nguMoya oNgcwele?*

________________________________________________

________________________________________________

*4. Kungani ukukhonza kwansuku zonke / isikhathi sokuthula loNkulunkulu sibaluleke kangaka*?

________________________________________________

________________________________________________

**Isikhathi Sethu Sokuthandaza**

• Xhumana lomlingani wakho womkhuleko lixoxe ngesihloko.

• Thandaza lomlingani wakho womkhuleko …

1. ukuthi ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele.

2. ukuthi uJehova andise intokozo yakho ekukhonzeni kwakho kwansuku zonke.

3. ukuthi isimilo sikaJesu sikhula kuwe.

## KHONZA NGOKOMOYA NJALO NGEQINISO

Kesicabange ngenhloso yokukhonza. Elizwini likaNkulunkulu lokucina ebantwini kulokokwenza lokukhonza uMdali lokukhonza isilo. (Sambulo 14:6-12) Uphawu olubonakala ngaphandle olokukhonza liSabatha (ukukhonza uMdali). Umqondo wokukhonza uvezwe kuJohane 4:23-24: *"Kodwa ihola liyeza, njalo liyilo khathesi, lapho* ***izikhonzi zeqiniso ziyabe zikhonza uBaba eMoyeni langeqiniso;*** *ngoba uNkulunkulu udinga abanjalo ukuthi bamkhonze. UNkulunkulu unguMoya, njalo labo abamkhonza kumele bamkhonze ngomoya langeqiniso."*

Ukukhonza **ngomoya** kutsho ukukhonza ngokuvela enhliziyweni, kodwa njalo uMoya oNgcwele ukhona. **Ukukhonza eqinisweni** kutsho ukuphila ngokuzinikela okupheleleyo kuJesu, oliqiniso yena emuntwini. UJesu wathi: *"ngiliqiniso."* (Johane 14:6) njalo kutsho ukuphila ngokwelizwi lilkaNkulunkulu kuyikuphila loJesu, ngoba Wathi: *"Ilizwi Lakho liliqiniso."* (Johane 17:17) loMahubo 119:142 ithi: *"Umthetho uliqiniso."* Nxa singela nkonzo eqinisekileyo khathesi, siyabe singekho engozini yokwehluleka esikhathini esibi kangaka? Lokhu kungaba luhlupho kumaKristu wonke angawomhlaba.

*Usuku 20*

Ngithemba sonke sifuna ukuqhubela phambili sincediswa nguNkulunkulu. Kungabe kuyikuthi inkolo yamanga elandelayo yiyo eyayisehlulisa ukuqhubekela phambili.

## UMBHABHATHIZO LOMOYA ONGCWELE

Abanye abantu bacabanga ukuthi balawo uMoya oNgcwele ngoba babhabhathizwa, kungakho konke kulungile kubo njalo akusela lutho abangaludinga. UD. L. Moody watsho lokhu ngodaba lolu: "Abanengi bacabanga ukuthi njengoba bagcwaliseka kanye, sebagcwaliseka ngokungapheliyo. Awu, bangani bami, sizinkezo ezifayo; kuyadingeka ukuthi sihlalke sisemthonjeni ukuze sihlale sigcwele."[58] UJoseph H. Waggoner wasesithi:

**"Kukho konke, lapho umbhabhathizo uyibufakazi besipho soMoya oNgcwele, isoni esiphendukileyo siyadonselwa ekubeni ngesomhlaba.** Usuka athembe ukubhabhathizwa kwakhe njengophawu lomusa kaNkulunkulu. Umbhabhathizo njalo **hatshi uMoya osenhliziyweni** uzabaluphawu lwakhe kumbe ubufakazi…"[5960]

Umbhabhathizo uyisinqumo esiqakathekileyo; lokhu kuhambelana lentando kaNkulunkulu. Sokuke njalo kuzagcina ukuqakatheka kwakho. Kodwa akumelanga sikhangele kuzehlakalo ezadlulayo njengobufakazi bokuthi sigcwalisekile ngoMoya oNgcwele. Kodwa, kumele sikwazi **khathesi** njalo sikwazi **khathesi** ukuthi sigcwaliswe nguMoya oNgcwele.

Abanye abantu bamukela uMoya oNgcwele **bengaka**bhabhathizwa – umzekeliso kaKhoneliya lemuli yakhe kumbe uSawuli. Abanye bamukela uMoya oNgcwele **ngemva** kokuba sebebhabhathiziwe – umzekeliso, amaSamariya kumbe amadoda alitshumi lambili aseEfesu.

---

[58] D. L. Moody, *They Found the Secret,* p. 85, 86; quoted in *"10 Days – Prayers and Devotions …"* by Dennis Smith, p. 23

[59] Joseph H. Waggoner, *The Spirit of God* (Battle Creek, Michigan 1 877), p. 35f, quoted in Garrie F. Williams, *Erfüllt vom Heiligen Geist* (Lüneburg,

[60] ), S. 58

Kodwa konke kuyafana nxa umuntu engamukela uMoya oNgcwele engakabhabhathizwa kumbe esebhabhathiziwe: okuqakathekileyo yikuthi sayamukela uMoya oNgcwele kwesinye isikhathi lokuthi silaye enhliziyweni zethu **khathesi.** Akuqakathekanga okwenzakala emuva, kulalokho okuyikho khona khathesi – lamuhla.

Ngifuna ukulikhumbuza njalo: sayamukela impilo zethu zenyama sizalwa. Impilo zethu zigcinwe yikudla nsuku zonke, ukunatha, ukuzelula, ukulala, lokunye njalo njalo. Ngoba ngeke siphile okwesikhathi eside. Imithetho efanayo ilokokwenza empilweni zethu zenyama njengalokho kusenzakala kwezomoya. Sayamukela impilo entsha ngoMoya oNgcwele, okunjengokuthi nxa sizinikela ngokupheleleyo kuKristu. Impilo yethu yakoMoya igcinwe ngoMoya oNgcwele, ukukhuleka kanye langelizwi likaNkulunkulu. UE. G. White wathi:
"impilo yemvelo ihlezi igcinwe ngamandla obungcwele isikhathi ngesikhathi; kodwa ingaqiniswa yisimanga esiqondileyo, kodwa ngenxa yezibusiso ezibekwe lapho ezifinyeleleka khona. Kungakho impilo yemvelo igcinwa zindlela lezo ezilethwa yibungcwele."[61]

Impilo engaba ngeyenyama kumbe eyomoya ngeke ihlale ikithi nje yodwa. Kuyindingeko ukusebenzisa indlela uNkulunkulu asinike zona. Lokhu kusitsho ukuthi: nxa sizalwa kutsha, uMoya oNgcwele siyawamukeliswa ukuthi uhlale kithi.kodwa ukuze yena ahlale kithi nsuku zonke, kuyangendlela esisebenzisa ngayo lezo ndlela, esiziphiwe yiNkosi. Singakhangelela mpumela bani nxa singasebenzisi lezi ndlela?

UMoya oNgcwele uyindlela eqakatheke kakhulu phakathi kwazo lezi "ndlela". Ukungeza, umthandazo uqakatheke kakhulu, ukuxhumana loNkulunkulu ngelizwi Lakhe, ukuphatheka ekukhonzeni lakokunye.

Ngithemba siyavumelana ukuthi njengokomlayo, kuyindingeko ukuthi **nsuku zonke** sizinakekele ingaphakathi yethu. Nxa singakwenzanga lokho, sizabalempumela esizazisola ngazo. Silakho ukudla masinya kumbe sigcine eMoyeni oNgcwele. "UNkulunkulu kalethi ncedo olungolwakusasa."[62] Ngithemba kuyacaca ukuthi ukuzinikela kuJesu nsuku zonke kuyindingeko njalo kufanele nsuku zonke sinxuse uMoya oNgcwele empilweni zethu. **Zonke indaba lezi zilesizatho sinye- kulamacele amabili kokukodwa;** ukubalobudlelwano obuduze duze loKristu. Ngiyazinikela Kuye ngokuzidela njalo langokucela uMoya oNgcwele, ngiyamnxusela enhliziyweni yami. Phakathi kwezinye indinyana zeBhayibhilini, 1 Johane 3:24 (Bona njalo uJohane 14:17-23) isitshengisa ukuthi uJesu Kristu uhlala phakathi kwethu ngoMoya oNgcwele: *"njalo ngalokhu siyazi ukuthi uhlala kithi, ngoMoya asinike wona."*

## OKULETHWA NGUMOYA ONGCWELE

Nxa uMoya oNgcwele uphakathi kwami, uletha lokho uKristu akuzuzayo. AbaseRoma 8:2 ithi: *"Ngoba umthetho woMoya wempilo kuKristu Jesu sungenze ngakhululeka emthethweni wesono lokufa."* Singachasisa "umthetho woMoya" njengendlela uMoya oNgcwele osebenza ngayo enhliziyweni ezinikele ngokupheleleyo kuNkulunkulu. Kuphela uMoya oNgcwele ongaletha kimi lokho uKristu akunqobayo. UE. G. White ukuchaza kuhle: **"UMoya wawuphiwa njengendlela yokuba mutsha, kungela lokhu, ukuzinikela kukaJesu kwakungasoze kutsho lutho…** NguMoya oyenza lokho okulethwe nguMhlengi kusebenze.

[61] E.G. White, The Acts of the Apostles (1911), p. 284.2

[62] E.G. White, *The Desire of Ages,* (1898), p.313.4

KungoMoya ukuthi inhliziyo ibemsulwa. NgoMoya, okholwayo ubangophatheka kusimo sobungcwele… Amandla kaNkulunkulu alindele ukudinga kwabo lokwamukela kwabo."[63]

UThomas A. Davis uchaza indlela le ngokulandelayo: "Lokhu kutsho ukuthi umfutho wokusebenza kwabantu bakaKristu weyame eMoyeni oNgcwele. Engekho Yena, yonke into uJesu ayenza esemhlabeni – eGetsemane, esiphambanweni, ukuvuka Kwakhe lobuphristi Bakhe esezulwini – ngabe akuphumelelanga. Impumela yomsebenzi kaKristu ngabe ayizange ibelendaba ukwedlule eyenkolo enkulu emhlabeni wonke kumbe eyabathungameli bomhlaba. Kodwa laloba uKristu wayengaphezu kwalaba, wayengeke ahlenge abantu kuphela ngomzekeliso Wakhe kanye lemfundiso Zakhe. Ukuze aguqule abantu, kwakudingeka ukuthi asebenze phakathi kwabo. Umsebenzi lo wenziwa nguMoya oNgcwele, owathunywa ukuzokwenza lokhu enhliziyweni zabantu, lokho uJesu akwenza kwenzakala."[64]

Kambe isizatho lesi sodwa asanelanga ukukwenza ukuthi wazi ukuthi ugcwele ngoMoya oNgcwele?

"Nxa uMoya kaNkulunkulu ungabusa enhliziyweni, uyaphendula impilo. Imiqondo yesono iyalahlwa, izenzo ezimbi ziyaguqulwa: uthando, ukuzehlisa lokuthula kuthatha indawo yolaka, umhawu kanye lenhlungu. Injabulo ithatha indawo yokudana, lobuso buveza ukukhanya kwasezulwini."[72]

Minengi impumela ekhona eyokuphila loMoya oNgcwele, kodwa kulokungeneli okukhulu kanye lokulahlekelwa nxa Yena engekho. Umehluko okhona phakathi kwempilo eloMoya lengela Moya oNgcwele izakukhangelwa kuhle kusahluko 4.

Usuku 21

## NGILAWO YINI UMOYA ONGCWELE?

Akuzibuze imbuzo elandelayo ngokugcwaliswa nguMoya oNgcwele:[65]

- Kungaba khona okukhanyayo okuveza ubukhona boMoya oNgcwele empilweni yami? Okunjengokuthi, usuwenze uJesu waphila njalo wabamkhulu kuwe yini? (Johane 15:16)
- Sengiqala yini ukuzwa lokuzwisisa ilizwi loMoya oNgcwele ngaphakathi? Ungangithungamelela yini kuzinqumo ezinkulu lezincane empilweni? (Roma 8:14)
- Kungabe sokulothando olutsha yini osoluvukile phakathi kwami olwabantu? UMoya oNgcwele uyuangipha yini isihelo esibuthakathaka lokuzihlupha ngabanye abantu okupheleleyo, ebengingeke ngibakhethe kalula njengabangane bami? (Galathiya 5:22; Jakobe 2:8,9)
- Ngiyawuzwa yini uMoya oNgcwele ungcedisa ukuphilisana labanye abantu? Ungipha amazw aqondileyo wokufinyelela inhliziyo zabantu yini, abalokwesaba lenhlupho?
- UMoya oNgcwele ungipha amandla yini awokwaba okunengi ngoJesu lokusa abanye Kuye?
- Ngiyakubona yini indlela onginceda ngayo empilweni yami yokukhuleka lokungincedisa ukwelula imizwa yami ejulileyo kuNkulunkulu?

---

[63] E.G. White, *The Desire of Ages,* (1898) p. 671.2 and 672.1

[64] Thomas A. Davis, *Als Christ siegreich leben,* (HW-Verlag), Seite 43 / How to be a victorious Christian, R&H. [72]
E.G. White, The Desire of Ages, (1898), p. 173.1

[65] Catherine Marshall, Der Helfer (Erzhausen, 2002), p. 24

Nxa singacabanga ngale imbuzo, siyayibona indingeko enkulu esilayo eyokukhula eMoyeni oNgcwele, ukumazi ngcono lokumthanda kakhulu.

Omunye waloba ukuthi: Ubabami lami sesihlanganisiwe njalo. Ngemva kokubala *Amanyathelo okuvuselela umuntu siqu* lo *40 Days Book One And Two,* sengike ngahlangana loMoya oNgcwele ngendlela emangalisa kakhulu. Bekuthathekisa kakhulu ukwazi ukusebenza koMoya oNgcwele njalo lokuthi ufunani empilweni yami yonke.

**UKUBAMBANA KUKABABA LOMNTWANA**

Ubudlelwano bami lobaba wami babuhlezi bulenhlupho. Izifiso zami lemithandazo yami ngisesengumntana lanxa ngisemutsha kwakuyikuthi ngibe lobudlelwano obuhle lobaba. Kodwa kwayala kusiba kubi kakhulu. Iminyaka eyisithupha kusiya kweyisikhombisa yedlula. UNkulunkulu wagcwalisa isikhala esasisenhliziyweni yami. Nxa ngangibala njalo ngikhulekela uMoya oNgwele, umkami lami sabalokunengi esakubonayo ngoNkulunkulu. Sasikhulekela imuli, ikakhulu ubaba wami. Ngesikhathi lesi, ngafikelwa ngamandla wokuthi ngithande ubaba wami. Ngenelisa ukumxolela kukho konke okwakungazange kuhambe kuhle kusukela ngisemncane. Mina laye sesingabangane. Waqala ukuba ngowomoya laye esetshela abanye ngoNkulunkulu. Khathesi, ngemva kweminyaka emibili, ubudelwano bami lobaba lokhe bubuhle. Ngithanda ukubonga uNkulunkulu ngalokhu. Ngangandise ukuzizwa ngingela mandla njalo ngingela owokuxoxisana laye. Kodwa lokhe ngaqala ukukhulekela uMoya oNgcwele nsuku zonke, sengibona omunye umhlobo wempilo omuhle njalo lobudlelwano loNkulunkulu. (Ibizo laziwa ngowahlelayo)

*Umthandazo: Nkosi Jesu, ngiyakubonga ngoba ufuna ukuhlala ukimi ngoMoya oNgcwele. Ngiyabonga ukuthi ngokuzinikela nsuku zonke, ukuthembana lobudlelwano bothando kuyakhula. Nkosi, ngincedise ngenelise ukwazi uMoya oNgcwele lomsebenzi Wakhe ngcono. Ngifisa ukwazi lokho afuna ukungenzela khona, lemuli yami kanye lebandla lami njalo lokubalesiqiniseko sokuthi singamukela uMoya oNgcwele nxa siwucela. Siyakubonga ngalokho. Amen.*

**UKUNGEZA KWABASEFESU 5:18 – "GCWALISEKANI NGOMOYA ONGCWELE"**

Sihlezi sesikunzanzelele okulotshwe khona ngesilungu ukuthi lesi sicelo senziwe ngokuqakathekileyo. Ukwengeza, siyakubona ukuthi isicelo lesi siqondiswe emuntwini wonke. Njalo siyananzelela ukuthi kungumlandu wethu ukucela ukugcwala koMoya oNgcwele. Kodwa umbhalo wesiGriki kanye ukwenze kwacaca ngcono.

UJohannes Mager utsho lawa mazwi ngalokhu: "Encwadini zeThestamenti Elitsha, kulendima eyodwa, ekhuluma ngokucaca ngokugcwaliswa nguMoya oNgcwele. 'Gcwaliswani nguMoya oNgcwele.' (Abasefesu 5:18) Encwadini yeMisebenzi sithola ukuthi ukubaloMoya oNgcwele kuyisipho, esisetshenziswa ukwenza ngendlela elamandla njalo eqondileyo kuzimo ezitshiyeneyo. Lokho, uPhawuli uthi ukugcwaliswa ngoMoya oNgcwele njengomthetho, ozimele ezimweni zokuphila njalo osebenza kubo bonke abalandeli bakaJesu. Lo omfitshane, kodwa umlayo lo oqakathekileyo uqukethe imqondo emine eqakathekileyo.

1. Isenzo esithi 'gcwalisa' *(plerein)* sisetshenziswe ngendlela yokuqakathekisa. UPhawuli kakhuthazi lapha kumbe anikeze isixwayiso sobungane. Kakhombi lutho, ukuthi umuntu angakwamukela kumbe ayenqabe. Ulaya njengompostoli ophiwe amandla. Umlayo uhlezi ukhanga intando yomuntu. Uma umKristu egcwele ngoMoya oNgcwele, lokhu sokusiya ngaye-ke ngokwebanga elikhulu. **AmaKristu angaphansi komlayo wokulwela ukugcwaliseka ngoMoya oNgcwele.** Lokhu ngumsebenzi wethu njengabantu ukugcwaliswa nguMoya oNgcwele.

2. Isenzo sisetshenziswa ebunengini. Umlayo awuqondiswe koyedwa umuntu ebandleni, olemisebenzi ekhethekile. Ukugcwaliswa ngoMoya oNgcwele ayisilo ilungelo ebantwini abambalwa abathandwayo. **Isicelo sisebenza kuye wonke umuntu ongowebandla – kokuphela futhi ndawo yonke. Akukho ukwehlukanisa.** Ngoba kuPhawuli kwakuyinto evamileyo ukuthi wonke amaKristu kufanele agcwaliswe ngoMoya oNgcwele.

3. Isenzo sisenkathini yokwenziwa. Akutshiwo ukuthi: 'Zigcwaliseni ngoMoya!', kodwa kuthiwa 'Gcwalisekani ngoMoya!' Kakho umuntu ongazigcwalisa ngoMoya oNgcwele. Lo ngumsebenzi kaMoya oNgcwele kuphela. Lapha kulele ubukhosi Bakhe. **Kodwa umuntu kufanele adale izimo ezifaneleyo ukuze oNgcwele uMoya umgcwalise. Ngaphandle kwentando yakhe esebenzayo mjalo ephilayo, uMoya oNgcwele ngeke usebenze kuye.**

4. NgesiGriki isenzo sisenkathini yamanje. Lesi sikhathi samanje esiqakathekileyo sichaza isehlakalo esiphindaphindwa njalo ngokuphambene lenkathi eqakathekileyo, echaza isenzo sesikhathi esisodwa. Ngokutsho kwalokhu, ukugcwaliswa ngoMoya oNgcwele akusilutho olwenzakala kanye kuphela, kodwa kuyinto eyenzeka njalo njalo iqhubekela phambili. UmKristu akafanani lesitsha esigcwaliswa kanye nje

ngaso sonke isikhathi, kodwa kulalokho kufanele 'igcwaliswe kokuphela' njalo. Umzila lo uchazwa ngale indlela: **Gcwalisekani ngokuphindaphindiweyo nja kakutsha ngoMoya oNgcwele!'**

**Ukugcwaliswa nguMoya oNgcwele,** esakuphiwa ekubhabhathizweni [kuyikubhabhathizwa emanzini njalo langoMoya lokuzinikela okupheleleyo], **kungalahleka nxa ukugcwaliseka esakuphiwa kungasagcinwanga.** Nxa kulahlekile, kuyafumaneka njalo. Ukugcwaliwa nguMoya kumele kuphindwe njalo ukuze uMoya oNgcwele ufinyelele indawo zonke zempilo lempilo yetho yakoMoya ingabuni. Ukugcwaliseka ngoMoya akutsho ukuthi sesilawo kakhulu, kodwa uMoya ubalathi kabanzi njalo ngokwengezayo. **Kungakho uPhawuli walaya amakholwa wonke ukuthi ayale egcwaliseka ngoMoya.** Lesi yisimo esiyinjayelo somKristu. Ubhabhathizo lunye, kodwa ukugcwaliseka kanengi.'"[66]

**INkosi ngokwayo isiphe umlayo:**

Kaligcwaliseke kokuphela njalo njalo,

**Njalo kakutsha ngoMoya oNgcwele!**

---

[66] UJohannes Mager wayengumfundisi, umvangeli njalo okweminyaka eminengi engumbalis we-university ekufundeni ibhayibhili okuhleliweyo. Maduze nje, wayeyinhloko yohlangothi ku-Euro-African Division e-Bern, kwele-Switzerland (Khathesi ethiwa yi-Inter-European Division). Okwakhathesi sowaphumula ukusebenza njalo uhlala e-Friedensau. Okucaphuniweyo kuthethwe egwalweni lwakhe: *Auf den Spuren des Geistes,* (Lüneburg, 1999) page 100-101 (ngokuvunyelwa ngumshicileli)

**Imicabango Yakho kanye Lengqubo Yezingxoxo**

1. *Kutshoni ukukhonza "ngomoya langeqiniso"?*

____________________________________________

____________________________________________

*2. Yiliphi iphutha esilenzayo lapho sithembela ekubhapathizweni kwethu emanzini mayelana lokugcwaliswa ngoMoya oNgcwele?*

____________________________________________

____________________________________________

*3. Umhlatshelo kaJesu ulawuphi umqondo ngempilo yami, lapho ngingagcwaliswanga ngoMoya oNgcwele?*

____________________________________________

____________________________________________

*4. "Gcwaliswani ngoMoya" (bona isithasiselo ku-Efe 5:18). Yiwaphi amaphuzu amane abalulekileyo angatholakala ekunxuseni kukaPawulu?*

____________________________________________

____________________________________________

**Isikhathi Sethu Sokuthandaza**

• Xhumana lomlingani wakho womkhuleko lixoxe ngesihloko.

• Thandaza lomlingani wakho womkhuleko ...

1. ukuthi iNkosi ikugcwalise ngoMoya wayo oNgcwele lamuhla.

2. ukuthi nsuku zonke sidinga kuqala umbuso kaNkulunkulu - lokho kutsho ukuthi sizithoba kuJesu kukho konke esiyikho lesilakho.

3. ukuthi uJesu uzaguqula izimpilo zethu.

ISAHLUKO 4

# MEHLUKO BANI ESINGAWUKHANGELELA?

## *Buhle bani esingabalabo wokugcwaliswa nguMoya oNgcwele? Silahlekelwa kuyini nxa singakhulekeli uMoya oNgcwele?*

**UKUXEGANISA PHAKATHI KWESIKRISTU SOMHLABA LESOMOYA.**

Imvuzo yobuKristu bomhlaba sikeyaqanjwa ingxenye yayo kubantu abathile. Eminye impumela/imvuzo ngelandelayo:

- Umuntu kahlengwa ekulesi simo. (Roma 8:6-8; Sambulo 3:16)
- Uthando lukaNkulunkulu - uthando lwe-agape - alukho emuntwini (Roma 5: 5; Gal. 5: 22); kunjalo umuntu uphelele ethwandweni lwakhe; inkanuko yenyama ayephukanga. (Galathiya. 5:16 )
- Umuntu akaqiniswanga ngamandla ngoMoya Wakhe. (Efe. 3:16-17 )
- UKristu akahlali kulowo muntu. ( 1 Johane 3:24 )
- Umuntu akakawatholi amandla okufakaza ngoKristu. ( Imisebenzi 1:8 )
- Umuntu wenza ngendlela yomuntu (1Kor. 3:3) engabangela kalula ukubangisana lokungezwani.
- Njengomthetho kuba nzima kulo muntu ukwamukela ukulaywa/ukukhuzwa.
- Impilo yabo yokuthandaza ingabe ingeneli.
- Umuntu lo uyenelisa kuphela ukuxolela hatshi ukubopha iqhubu.

**UmKristu womhlaba** ngezinye izikhathi wenza njengomuntu wemvelo. UPhawuli uthi: *"Alinjalo yini abenyama futhi baziphathe njengabantu nje"* (1 Kor. 3:3 NKJV). Kwesinye isikhathi izenzo zakhe zinjengalezo ezomuntu ongokomoya, loba ephila ngamandla langokwanelisa kwakhe

**UmKristu womoya** uzwa ukugcwala kukaNkulunkulu:

*"Ukuze aninike ngokwengcebo yenkazimulo yakhe* ***ukuba liqiniswe ngamandla ngoMoya wakhe kumuntu ongaphakathi,*** *ukuze uKristu ahlale kuye. Izinhliziyo zenu ngokukholwa; ukuze lina eligxilileyo lisekelwe ethandweni, libe khona ekwazini ukuqondisisa kanye labangcwele bonke ukuthi buyini ububanzi lobude lokujula lokuphakama - ukwazi uthando lukaKristu oludlula ukwazi;* ***ukuze ukwazi ligcwaliswe ngakho konke ukugcwala kukaNkulunkulu.*** *Manje kuye okwazi ukwenza okukhulu kakhulu ngaphezu kwakho konke esikucelayo lesikucabangayo ngokwamandla asebenzayo kithi, kakube Kuye udumo ebandleni ngoKristu Jesu ezizukulwaneni ngezizukulwane kuze kube phakade laphakade njalo. Amen."* Efe. 3:16-21 NKJV

## IMIPHUMELA YOBUKRISTU BOMHLABA

Ngiyaxolisa ngokulahlekelwa emulini yami lasemabandleni engangisebenza kuwo njengomfundisi ngenxa yokngeneli kwami uMoya oNgcwele. Kuliqiniso futhi kule ndawo ukuthi ngeke sithungamele umuntu edubeni obudlula obethu. Kudingeka futhi siqaphele ukuthi umuntu ukungeneli uMoya oNgcwele kumuntu ngamunye emulini lasebandleni kuyangezelela phezulu kumbe andise.

## ABANTWANA LABATSHA

UbuKristu bomhlaba buyindawo yokuzalela yenkululeko yobuKristu. Abantu ngokungazi bazama ngezinhloso ezinhle ukwenza lokho abangeke bakwenze besebecinga indlela yokuphuma. Ngabe yiso isizathu lesi sokulahlekelwa yintsha yethu engaka? Ngokungazi kukmbe ngzinye izizatho sesibeke umzekeliso ebantwaneni bethu lakubatsha besiKristu somhlaba? Ngenxa yalokho, sebengamaKristu enyama futhi ngenxa yalokho kufanele balwise ukungakhuthazeki? Ingabe lesi yisizathu esenza abanengi bangakuthathi kakhulu loba ungabe usaya usaya khonza kumbe usuphumile ebandleni? Esikhathini esingeside esidluleyo umzalwane osekhulile watshela ibandla lakhe: "Kulesizatho sezinhlupho esilazo lamuhla ezimpilweni zethu kanye lasezimpilweni zobutsha bethu: isizukulwane esidala sehlulekile ukuzwisisa ukusebenza kukaMoya oNgcwele kanye lokugcwaliswa Nguye."[67]

Ake ngiphinde ngilikhumbuze ngomphumela wokubabundikindiki (kungekho ukuzinikela okupheleleyo kuKristu): "AmaKristu alenhliziyo enganxanye mabi kulabangakholwayo; ngoba amazwi abo okukhohlisa kanye lesikhundla sokungapheleli kuholela abanengi ekudukeni. Umuntu ongakholwayo ukhombisa imbala yakhe. UmKristu obundikindiki ukhohlisa izinhlangothi zombili. Akayena lo omuhle womhlaba kumbe umKristu omuhle. USathane umsebenzisela ukwenza umsebenzi ongeke wenziwe ngomunye umuntu."[68]

Ngakho-ke, nxa siphila ngokomoya, singabonisa abantwana bethu indlela yokuphathiswa nguNkulunkulu. U-Ellen White uthi into emangalisayo ngempela:

"Fundisa izingane zakho ukuthi **kulilungelo** labo ukuthola umbhabhathizo nsuku zonke ngoMoya oNgcwele. Vumela uKristu akutholele isandla Sakhe sokunceda ukufeza izinhloso Zakhe. Ngomthandazo, ulakho ukufumana ulwazi ngenkonzo yakho ngabantwana bakho iphumelele kuhle."[77]

Safundisa amadodana ethu ukuthandaza. Kodwa ngabe sabafundisa ukuthandazela uMoya oNgcwele yini? Loba besingakwazi lokho thina ngokwethu? Ngaleso sikhathi mina lomkami sasingakwazi. Ngiyabonga ngokuthi uNkulunkulu washaya indiva ngalesi sikhathi lapho sasingela khona ulwazi. Kodwa ngenxa yalokho kungakanani ukulahlekelwa okwenzekayo?

Bengaba ngabantwana abahle kanganani abazali abalomoya abangaba labo nxa bezinikela nsuku zonke kuJesu njalo bekhulekela uMoya oNgcwele.

.

**Umumo -**

---

[67] Garrie F. Williams, *Erfülltsein vom Heiligen Geist – Wie erfahren wird das?* (Lüneburg 2007), S. 8

[68] EGW Letter 44, 1903, quoted in Adventist Bible Commentary, Vol.7, p.963 on Rev. 3:15-16 [77] E.G. White, Child Guidance (1954), p. 69

**Uthando Lwezulu kumbe ukuba muhle komunye nomunye?**

Yiwuphi umehluko okhona kumumo emitshadweni lasezimulini, ebandleni lokukhonza lamaKristu omhlaba kumbe awomoya, nxa amandla kaNkulunkukulu engekho empilweni eqoqekileyo, nxa amandla kaNkulunkulu engekho njalo lamandla awesono engephulwanga kumbe nxa lokhu kukhona ngomusa kaNkulunkulu?

AmaKristu alenkani njalo angawomhlaba ayande ukusola. Lokhu akulunganga. Laloba sifanele sikhulume ngemilayo kaNkulunkulu emihle, kumele sinanzelele ukuthi ngesikhathi esifanayo inguquko emqoka yenzeka kuphela nxa inguquko ivela ngaphakathi.

Abakhululi bayandise ukungathathisisi izinto ngokuqiniseka lokwamukela indlela zomhlaba. UNkulunkulu ngeke akubusise lakho lokhu. UJoseph Kidder wananzelela okulandelayo ngesimo sebandla lakhathesi:

"Ukukhathala, ukubheka phezulu, ukuthanda izwe, ukungabi lomusa, izikhonzi ziyatshiswa, intsha iyaphuma ebandleni, ukuzithiba okubuthakathaka, izinhlelo ezingenazo zangempela imvelaphi loba umphumela, ukusweleka okungapheliyo kwamadoda aqinileyo lazinikeleyo."[69]

Imbangela yenkinga yethu yikungaxhumani kwethu loJesu (Johane 15:1-5) lokuthembela kakhulu emizamweni yabantu (Zakariya. 4:6). UKidder aphinde abone indlela yokulungisa impilo egcwaliswe ngoMoya oNgcwele (Imisebenzi 1:8).

UJesu wasinika umlayo omutsha: *"Ngilinika umlayo omutsha wokuba lithandane; njengoba ngalithanda, ukuze lani lithandane. Ngalokhu bonke bayakwazi ukuthi lingabafundi Bami, uma linothando phakathi kwenu."*

(Johane 13:34-35)

Ukuthanda njengoJesu kutsho: ukuthanda ngothando lwaphezulu (agape). Singakwenza kuphela lokhu uma sigcwaliswa ngoMoya oNgcwele.

"Uthando oluphakemeyo lukaNkulunkulu lothando olungenabugovu komunye lomunye - yilokhu isipho esihle kulazo zonke uBaba wethu osezulwini angasipha sona. Lolu thando aluwona amasu, kodwa isimiso saphezulu, amandla ahlala njalo. Abangangcweliswa inhliziyo [wonke umuntu, ongagcwaliswanga ngoMoya oNgcwele, ulomunye] akalakuvela loba ukuyibumba. Itholakala enhliziyweni kuphela lapho kubusa uJesu."[70]

Ngicabanga ukuthi kukhona umehluko nxa "kuphela" silungile komunye lomunye looba nxa sidlula lokho futhi sithanda ngothando lukaNkulunkulu. E.G. Okumhlophe kusinika inkomba eqakathekileyo:

"Ngokugqoka umhlobiso womoya omnene lowokuthula, amatshumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye ezinkingeni ezilikhulu ezihlukumeza kakhulu ukuphila zingasindiswa."[71]

Izwi likaNkulunkulu liyabonisa ku-1 Thes. 4:3-8 okuthile ngokuphila komshado. Phakathi kwezinye izinto la mavesi akhuluma ngokuphila ekungcwelisweni lasekuhlonipheni ubudlelwano. UNkulunkulu wayehlose ukuba sibe lenjabulo enkulu lokwaneliseka ekuphileni

---

[69] Dr. S. Joseph Kidder, Anleitung zum geistlichen Leben (Andrews University), PPP Folie 3+4

[70] E.G. White, *Acts of the Apostles* (1911) p. 551.2

[71] E.G. White, *Testimonies for the Church,* volume 4, p. 348.3

kwethu impilo yomtshado. Ingabe lokhu akubonisi ukuthi uNkulunkulu ufuna ukusisiza sikhanghelane ngothando olulobubele kulenkanuko?

UJesu wathandazela ubunye babafundi Bakhe: *"Ukuze bonke babemunye, njengawe; Baba, ukimi, lami ngikuwe; ukuze labo babe munye Kithi, ukuze izwe libemunye likholwa ukuthi wena ungithumile."* (Johane 17:21)

UWilliam G. Johnsson uthi: "AmaSabatha amanengi kusadingeka akuqonde lokho kutsho ukuba munye loKristu. Esikhathini esidluleyo, singabe singakuqakathekisanga sagada amabhiza emhlubulweni ongayisiwo."[72]

UKristu ukithi nxa sigcwaliswa ngoMoya oNgcwele. UbuKristu boMoya bulokokwenza ekutheni imithandazo yethu iphendulwe yiNkosi. E.G. White uthi: "Nxa abantu bakaNkulunkulu bemunye ebunyeni boMoya, bonke ubuFarisi, konke ukuzilunga, okwakuyisono sesizwe samaJuda, kuyoxotshwa kuzo zonke izinhliziyo… uNkulunkulu uyokwenza yaziwe imfihlakalo ebifihliwe kusukela kudala. Uyokwenza kwaziwe ukuthi iyini *'ingcebo yenkazimulo yale mfihlakalo phakathi kwabangcwele bezizwe; onguKristu phakathi kwenu, ithemba lenkazimulo"* (Kolose 1:27).[82]

Usuku 24

### Ukwelulekwa Ngokulungisa

Kungaba lomehluko yini ekwelulekweni kokulungisa nxa kungenziwanga ngothando lukaNkulunkulu? Ibandla lizathatha ziphi izinqumo, ezakhiwe kakhulu amaKristu womhlaba loba lowo ngisho unomfundisi wenyama loba umongameli? Uma ngicabanga emuva emsebenzini wami njengomfundisi, khona-ke ngiba nomuzwa wokuthi amalungu esonto likamoya avame ukubuyisela amalungu awile emcabangweni. Futhi uma umuntu ephenduka futhi uyavuma, khona-ke ukwelulekwa kuyifezile injongo yako. Kwesinye isikhathi amaKristu awomhlaba athambekele ekusebenziseni iseluleko njengesijeziso futhi aze akusebenzise kabi ukuze abelamandla (Mat. 18:15-17; 1 Kor. 3:1-4; 2 Kor. 10:3; Juda v. 19).

## IZWI LIKANKULUNKULU LESIPROFETHI NGEZINSUKU ZOKUCINA

UNkulunkulu ulomkhuba wokwembula izenzakalo eziqakathekileyo ngabaprofethi Bakhe (Amose 3:7). Ngakho wanikeza izigijimi eziqakathekileyo zesiprofethi zezinsuku zokucina ngo-Ellen White. Njengoba izinto ezinengi ziguquka ngokupheleleyo kulasezikhathini ezedlulayo, kwakuqakathekile futhi kudingekile ukuba lolwazi olungeziweyo olufaneleyo oluvela kuNkulunkulu. Namuhla singakubiza ngokuthi "isibuyekezo". Ngokuka-Ellen White la amazwi aqakathekile kuze kube yilapho uJesu ebuya futhi. Njengoba iseluleko sakhe sihlanganisa ukutshintsha indlela yokuphila, ukusola, iziyalo, njll. Umuntu ongokomoya angasamukela kalula kunomuntu wenyama. (Kodwa ngenxa yokuthi othile uzithatha ngokungathi silazo lezi zeluleko, akutsho ngokuzenzakalelayo ukuthi zingokomoya.) Kungaba yikuhlakanipha, cabanga ngamazwi akuDuteronomi 18:19 NKJV: *"Futhi kuyoba yilowo lalowo akayikuzwa amazwi aMi, Yena (umprofethi) awakhuluma egameni laMi, ngiyowabiza ngaye."*

---

[72] William G. Johnsson, Adventgemeinde in der Zerreißprobe, (Lüneburg 1996), p. 118

[82] E.G. White, Selected Messages, Book 1 (1958), p. 386.1

Lokhu kusikhombisa ngokusobala ukuthi umlayezo ovela kumprofethi weqiniso akufanelanga wenziwe ngalowo muntu, kodwa ngoNkulunkulu uqobo. Singazi njani uma umuntu engumprofethi weqiniso? IZwi likaNkulunkulu lisinikeza imqondo emihlanu yokuhlola. Umprofethi weqiniso kufanele ahambisane layo yonke imqondo yomihlanu le.

1. Indlela yabo yokuphila – "Ngakho-ke liyakubazi ngezithelo zabo."

Matewu. 7:15-20

2. Ukugcwaliseka kweziprofethi: Dut. 18:21-22

3. Unxusa ukwethembeka kuNkulunkulu (izwi likaNkulunkulu). Dut. 13:1-5

4. Qaphela ukuthi uJesu ungumuntu weqiniso loNkulunkulu weqiniso. 1 Johane 4:1-3

5. Uvumelana lezimfundiso zeBhayibhilini. Johane 17:17

Yonke imiyalo kaNkulunkulu, kuhlanganise lezeluleko Zakhe ngabaprofethi, ingeyokuhle kwethu. Kungakho beligugu ngendlela engavamanga. Ngakho abantu abangokomoya bangalalela ngamandla kaNkulunkulu langenjabulo futhi bazi ukuthi kulenguquko eyikuphimelela empilweni. *"Kholwani kuJehova uNkulunkulu wenu, liyakuqiniswa;* ***kholwani kwabaKhe abaprofethi, liyakuphumelela."*** (2 Kronike. 20:20b)

Isifundo Sesikolo seSabatha sitsho lokhu okulandelayo mayelana lalobu budlelwano phakathi kwempilo loMoya oNgcwele kanye lamazwi omphrofethi weqiniso:

"Olahla izwi lesiprofetho, uzivalela umlayo weNkosi UMoya oNgcwele. Umphumela namuhla awuhlukile kunalokho owawuyikho ngaleso sikhathi—ukulahlekelwa ubuhlobo noNkulunkulu nokuvuleleka emathonyeni amabi."[73]

## UKUHLELA / AMACEBO

Umsebenzi oqakathekileyo yikufuna indlela zokulungisa ezinhle lezindlela zemisebenzi ebandleni kanye lasethumweni. Kungumbuzo wokuhlela kanye lamacebo ethu. Ikakhulukazi ihambelana lokuqinisa ibandla ngokomoya lokunqoba imiphefumulo eminengi.

Sengileminyaka engu-65 ngibhabhathiziwe futhi sengileminyaka engu-43 ngiyisikhonzi. Thina sivunile ngokuhlela kwethu langamacebo. Sasikhuthele kakhulu. Kulo mango kufanele ngiphinde ngicabange ngamazwi kaDwight Nelson kuseshini ye-General Conference ngo2005:

"Ibandla lethu selithuthuke ngendlela encomekayo izimilo, izinhlelo lezinhlelo ezincomekayo, kodwa nxa ekucineni singakuvumi ukutshabalalala kwethu ngokomoya [ukungeneli koMoya oNgcwele], osekubambe abanengi bethu labafundisi labathungameli, asisoze safinyelela ngale kwesimo sethu sobuKristu."[74]

Ngokufanayo, uDennis Smith utsho okulandelayo:

"Angila cele lezinhlelo, lezindlela. Kodwa ngiyesaba lokhu, sivame ukunanzelela lezi zinto ukuze siqhubekisele phambili umsebenzi kaNkulunkulu. Amacebo, izinhlelo lezindlela ngeke

---

[73] Studienanleitung Standardausgabe, Philip G. Samaan, 10.11.1989, to question 8

[74] Helmut Haubeil (Hrsg.), Missionsbrief Nr. 34, (Bad Aibling, 2011) page 3

ziwuqede umsebenzi kaNkulunkulu.  Izikhulumi ezinhle, ezimangalisayo kunhle zobuKristu, ukusakazwa ngesathelayithi ngeke kuqede umsebenzi kaNkulunkulu.  UMoya kaNkulunkulu yiwo ophumelelisa ukuphutsha umsebenzi - uMoya kaNkulunkulu okhulumayo futhi osebenza ngamadoda agcwaliswe ngoMoya kanye nabesifazane."[75]



## UMBHABHATHIZO / UKUNQOBA IMIPHEFUMULO

IBhayibhili lisikhombisa ukuthi uMoya oNgcwele uyindingeko eqakathekileyo ukuze uzuze abantu bakaKristu (Khangela kuMisebenzi).  EGermany ngakolunye uhlangothi silawo amabandla akhulayo kanti ngakolunye uhlangothi, amabandla amileyo loba ukuncipha. Emhlabeni wonke inani lamalunga ebandla lethu likhule ngokuphindwe ngamatshumi amabili kule iminyaka engu-60 edlule.  Ngokuqinisekileyo, singabala izizathu ezinengi zalesi simo eGermany. Kodwa into eyodwa ingicacele: Isizathu esikhulu yikusweleka koNgcwele uMoya. Ngokwemvelo le nkinga isivame kakhulu.  Sithuthukile loba iguqule izinhlelo lezinhlelo ezinengi.  Sikubonile ukuthi ukusweleka kukaMoya oNgcwele

*"Lapho abantu bakaNkulunkulu bemunye ebunyeni boMoya, bonke ubuFarisi, konke ukuzenza abalungileyo, okuyinto kwakuyisono sesizwe samaJuda, uzoxotshwa ezinhliziyweni zonke."*

lomzamo omkhulu uholele ekulahlekeni kwezimali lesikhathi kusukela ekuphitshekeni okungadingekiyo lasekwenzeni imizamo engela kuphumelela.  Okubili okucatshunwe ku-E. G. White kubonisa lesi simo:

"INkosi ayisebenzi ukuletha imiphefumulo eminengi eqinisweni, ngoba ngeyamalunga ebandla angakaze aguqulwe kanye lalabo abake baphenduka kodwa bahlehla.  Lawa malunga angangcweliswanga [amaKristu omhlaba] aletha nguquko bani kulabo abasanda kuphenduka?"[76]

"Nxa singazithoba phambi kukaNkulunkulu, futhi sibe lomusa lenhlonipho futhi abalenhliziyo ezimnene futhi bedabukile, kuzoba lekhulu lokuguqulwa kweqiniso lapho lizabalinye kuphela."[87]

"Ukuzalwa kakutsha kuyimvelakancane ngakolunye uhlangothi, silombhabhathizo wabantu, abangazilungiselelanga okwaneleyo. E. G. White wathi:  kulesi sikhathi somhlaba, lesi yisizathu sokuthi kulezinhlupho ezinengi emabandleni.  Abanengi kakhulu, abacabangayo ngegama likaKristu alingcweliswanga futhi alingcwele.  Babhabhathiiwe kodwa bangcwatshwa bephila.  Ubumina abufanga, ngakho-ke abazange bavukele ebutsheni bokuphila kuKristu."[77] Lokhu kwabhalwa ngo-1897. Sinjani isimo salamuhla?  Uhlupho yilolu: loba ngubani ongazalwa ngokutsha akagcwaliswanga ngoMoya oNgcwele.  UJesu wathi: "Uma umuntu engazalwa ngamanzi langoMoya, kangeni embusweni kaNkulunkulu."

---

[75] Dennis Smith, *40 Days – Prayers and Devotions to Prepare for the Second Coming* (Wien, 2012), p. 88

[76] E.G. White, *Testimonies for the Church* Vol. 6, (1901) p. 370.3 [87]
E.G. White, *Testimonies for the Church* Vol. 9 (1909), p. 189.4

[77] E.G. White, MS 148 (1897)

(UJohane 3:5) Ayisilo yini iqiniso ukuthi sibalokusweleka kukaMoya oNgcwele kuzo zonke izindawo?

## UMOYA ONGCWELE LOKUTSHUMAYELA

UNkulunkulu usitshela lokhu okulandelayo mayelana lengcazelo kaMoya oNgcwele lokutshumayela: "Ukutshunyayelwa kwezwi ngeke kulethe lutho ngaphandle kokuba khona njalo kanye losizo lukaMoya oNgcwele. Yilowo kuphela okumfundisi osebenzayo. Kuphela lapho iqiniso liphelekezelwa nguMoya enhliziyweni eliyaphilisa khona unembeza loba liguqule ukuphila. Umuntu angase akwazi ukwethula uhlamvu lwegama likaNkulunkulu, kungenzeka ukuthi umuntu abeyazi yonke imilayo lezithembiso zalo; kodwa ngaphandle kokuthi uMoya oNgcwele ukhiphe iqiniso, akukho miphefumulo eyawela eDwaleni yephuke. Hatshi, kungelani lezinga lemfundo, inani lemfundo, azikho izinzuzo, loba zizinkulu kangakanani, ezingenza umuntu abeyindlela yokukhanya kungela kuhlanganyelana loMoya kaNkulunkulu."[78]

Ukutshumayela akwenzakali kuphela ekufakazeni ilizwi, kodwa lasezifundweni, ekufundeni iBhayibhili lasemaqenjini okunakekelana.

URandy Maxwell uthi:

"Kodwa iqiniso yileli, sibulawa yikuwomela ukuxhumana loNkulunkulu ophilayo!"[79]

Ukusweleka koMoya oNgcwele kungabayimbangela yokwesaba yini? UEmilio Knechtle engabe eqinisile yini nxa esithi: "Kungani singaphumeleli ukugenqula umhlaba lo osuwonakele kangaka? Kukhona osokwenzakele ngokusolakala kwethu. Siyesaba ukuxabana, siyesaba ukungenelwa, siyesaba ubunzima, siyesaba ukulahlekelwa ngumsebenzi, siyesaba ukulahlekelwa yisithunzi, siyesaba ukulahlekelwa zimpilo zethu. Ngakho siyazithulela sicatshe. Siyesaba ukufakaza ivangeli emhlabeni ngendlela elothando njalo ilamandla."[91]

Indlela yokulungisisa loluhlupho itholakala kuMisebenzi 4:31: *"bathi lapho sebekhulekile, indawo ababebuthene kuyo yazamazanyiswa; bathi lapho sebegcwaliswe nguMoya oNgcwele, basebekhuluma ilizwi likaNkulunkulu ngokukhulu ukuzithemba."*



## UMOYA ONGCWELE LEZINGWALO

Okulandelayo ngokutshiwoyo ngokubhaliweyo: "nxa usindiso lukaNkulunkulu lulalowo obhalela iphepha, umoya ofanayo uzakufika lakulowo obalayo. Okuncane okubhalwe eMoyeni wengilosi zikaNkulunkulu kuyamukeleka, njalo kuletha okufanayo kwababalayo. Kodwa amazwi alotshwe ngumlobi ongaphili ngokuletha udumo kuNkulunkulu, engazinikelanga kuye, ingilosi zizwa ukungeneli ekudaneni. Ziyafulathela njalo zingajabulisi obalayo ngoba uNkulunkulu loMoya Wakhe abakho kukho. Amazwi mahle kodwa akula mandla oMoya kaNkulunkulu."[80]

---

[78] E.G. White, *The Desire of Ages* (1898), p. 671.4

[79] Randy Maxwell, *If my people pray …* (Pacific Press, 1995), p.11 [91] CD *Die letzte Vorbereitung,* Teil 6

[80] E.G. White, *PH 016,* p. 29.1

*Ngifuna ukugcizelela njalo: Ngokwemvelo, konke esasikwenza kwakungekho kubi. Sezithuthukise okuhle njalo izinto ezinhle kakhulu; uNKulunkulu wabusisa imizamo yabantu ngendlela efaneleyo. Kodwa umbuzo oqakathekileyo yilowu: sifikela le milandu njengamaKristu omoya kumbe awomhlaba? Kunye okuliqiniso: nxa sizama ukudinga indlela zokulungisisa okuthile ngengqondo zomhlaba, sizazidlalisela isikhathi; sizakwenza okunengi, okungasoze kutsho lutho.*

**Imicabango Yakho kanye Lengqubo Yezingxoxo**

*1. Iyini imiphumela yobuKristu benyama?*

---

---

*2. Kungani ukuba lenhliziyo embi kuyinkinga enkulu kangaka?*

---

---

*3. Yikuphi ukulahlekelwa esibhekana lakho lapho singawuthathi ngokuqiniseka umlayezo womprofethi weqiniso?*

---

---

*4. Kungani uMoya oNgcwele ubaluleke kangaka ekutshumayeleni kwethu, ezincwadini zethu lasezinkundleni zokuxhumana (multimedia)?*

---

**Isikhathi Sethu Sokuthandaza**

• Xhumana lomlingani wakho womkhuleko lixoxe ngesihloko.

• Thandaza lomlingani wakho womkhuleko ...

1. ukuthi iNkosi ikugcwalise ngoMoya oNgcwele lamuhla.

2. ukuthi silazi ngokuphelela iqiniso lokuthi uNkulunkulu ukhuluma lathi uqobo ngabaprofethi beqiniso.

3. ukuthi ukutshumayela ngaphandle kukaMoya oNgcwele kuletha imiphumela yomuntu kuphela.

## UMOYA ONGCWELE: AKULA MVULA YOKUQALA, AKULA MVULA YOKUCINA

"Imvula yakuqala, igcwele ngoMoya oNgcwele, isilethela ukukhula kokwakomoya okuyindingeko, ukuze sithole okuthile kumvula yokucina."[81]

"Imvula yokucina, ivuthisa isivunop somhlaba, imela umusa wakomoya olungiselela ibandla ekuphendukeni kweNdodana yomuntu. Kodwa ngaphandle kokuthi imvula yokucina isinile, kuzabe kungela mpilo: uhlamvu oluluhlaza ngeke luhlume. Ngaphandle kokuthi umfefezo wakuqala usuwenze umsebenzi wawo, imvula yokucina ngeke ilethe inhlanyelo epheleleyo."[82]

## UMOYA ONGCWELE LOKUSUTHISEKA KWASEBHAYIBHILINI

"Umsebenzi lo (Ukungcweliswa kwaseBhayibhilini) kungafumaneka kuphela ngokukholwa kuKristu, ngamandla angaphakathi awoMoya kaNkulunkulu."[83]

## UMSEBENZI OMKHULU WOTHUMO KUNGELA MOYA ONGCWELE?

Kungenzeka inhlangothi ezinkulu, izinhlelo zevangeli eziphumelelayo kanye lomsebenzi olamandla amaqhinga enziwe ngaphandle kukaMoya oNgcwele? U-Andrew Murray, isithunywa sevangeli esikhulu eNingizimu Afrika, wayazi ukuthi lesi simo sasingenzeka futhi, ngempela, okungokoqobo kwabanengi kweLobukholwa lapho ebhala:

"Ngingatshumayela loba ngibhale loba ngicabange loba ngizindle, futhi ngijabulele ukuba matasatasa ngezinto eziseBhukwini likaNkulunkulu laseMbusweni kaNkulunkulu; kodwa amandla oMoya oNgcwele engekho ngokuphawulekayo. Ngiyesaba ukuthi nxa utshumayela yonke indawo iBandla likaKristu ubesubuza ukuthi kungani kukhona, maye! Amandla amancane kangaka okuguqula ekutshumayeleni iliwi, kungani kulomsebenzi omnengi kangaka futhi ngokuvamile impumelelo ibencane kangaka ngokwelaphakade, kungani iZwi lilamandla amancane okwakha amakholwa ebungcweleni kanye lekungcweliseni - impendulo izafika: Ukungabikhona kwamandla woMoya oNgcwele. Njalo kungani lokhu? Asikho esinye isizatho ngaphandle kokuthi inyama [khangela uGal. 3:3] lamandla omuntu athathe indawo okufanele uMoya Oyingcwele uyithathe."[84]

*Usuku 27*

## UMOYA ONGCWELE LEMPILAKAHLE

*"Ngakho ngiyalincenga, bazalwane, ngobubele bukaNkulunkulu, ukuba lilethe imizimba yenu engumnikelo ophilayo, ongcwele, owamukelekayo kuNkulunkulu, okuyinkonzo yenu yokuqonda."* Rom. 12:1

*"Alazi yini ukuthi liyithempeli likaNkulunkulu lokuthi uMoya kaNkulunkulu uhlala kini? Nxa umuntu engcolisa ithempeli likaNkulunkulu, uNkulunkulu uyakumbhidliza. Ngoba ithempeli likaNkulunkulu lingcwele, okuyilona thempeli lina.*" 1 Kor. 3:16-17 NKJV

---

[81] Dennis Smith, *40 Days – Prayer and Devotions to Revive Your Experience with God,* Book 2, (Vienna, 2013), p. 175

[82] E.G. White, *The Faith I live By,* (1958), p. 333.3

[83] E.G. White, *The Great Controversy*, (1911), p. 469.3

[84] Randy Maxwell, *If My People Pray* (Pacific Press 1995), p. 145

*"Loba alazi yini ukuthi umzimba wenu uyithempeli likaMoya oNgcwele ongaphakathi lina elimamukele kuNkulunkulu, njalo alisini na? Ngokuba lathengwa ngentengo; ngakho-ke dumisani uNkulunkulu emzimbeni wenu lasemoyeni wenu, okungokukaNkulunkulu."* 1 Kor. 6:19-20 (khangela futhi: Eksodusi 15:26)

Abantu abagcwaliswe ngoMoya oNgcwele bayithempeli likaNkulunkulu. Wake wama nje ucabanga ukuthi lokhu kulomvuzo bani empilweni yakho? Ithempeli liyindawo kaNkulunkulu yokuhlala. UNkulunkulu wathi kuMose: *"Mabangenzele indlu engcwele, ukuze ngihlale phakathi kwabo labo."* Eksodusi 25:8

Uma sithatha lawa mazwi ngokungathi sína, ngakho-ke ukunakekela impilo yethu ngendlela yethu yokuphila kuzoba yingxenye yangabomu yobufundi bethu. Imizimba yethu ingekaNkulunkulu. Ingabe ufuna ukuphatha impahla kaNkulunkulu ngokucophelela? Yebo, sifuna ukuphatha imizimba yethu ngokunanzelela? Yebo siyafuna ukuphatha imzimba yethu kuhle futhi eqinisweni ngokwemiyalo kaNkulunkulu! Lokhu kudinga ukuhleleka okuthile. Umuntu, ogcwaliswe ngoMoya oNgcwele, enganelisa ukwenza lokhu ngentokozo. Umvuzo impilakahle engcono emzimbeni, emphefumulweni kanye lemoyeni. Umuntu, ongagcwaliswanga ngoMoya oNgcwele, uzakulwisa njalo ahlangane lobubi. UNkulunkulu ulindele ukuthi silondoloze impilo engcono kakhulu emzimbeni lasemoyeni ukwenzela inkazimulo Yakhe, ngokwenkonzo Yakhe kanye lenjabulo yethu. Kuleyi ndawo futhi akukho okungathatha indawo yokugcwaliswa ngoMoya oNgcwele. Lapho uJesu ehlala kithi ngoNgcwele uMoya, khona-ke uphinda abe *"yiNkosi ekusilisayo."* (Eksodusi 15:26) Ukusilisa kuhlala kuhlezi kukuhle kakhulu emuntwini okhathazekileyo njalo kube yinkazimulo kaNkulunkulu. Lokhu kungaphakamisa umbuzo: Ingabe udokotela waphezulu uphilisa wonke umuntu?

"Owesifazane osekhulile waseCambodia wafika njengombalekeli wempi esibhedlela semishini, eyayisekamu lababaleki eThailand. Wayegqoke izingubo zamanani esiBuddha. Wacela ukulashelwa uDkt Jesus. Ngakho bamtshela ngoJesu. Wabeka ithemba lakhe kuYe futhi wapholiswa umzimba lomphefumulo. Lapho sebuyele eCambodia, wazuzela uKristu imphefumulo engu37."[85]

Ngesikhathi sokugula kwenkosi ethembekileyo uHezekhiya uJehova wathumela kuye wathi: *"Ngempela ngizakukupholisa wena."* (2 AmaKhosi 20:1-11) Kodwa kungani uJehova engamsilisanga ngezwi, kodwa wamnika umsebenzi wokufaka umuthi wokugcoba umkhiwa? Kungenzeka yini ukuthi iNkosi idinga ukuthi sisebenzise imithi yemvelo loba izinguquko ekudleni kwethu, ukuzelula, ukuphumula, njll? Kungani uNkulunkulu engazange ampholise uPhawuli kodwa wamtshiya *"lameva enyameni yakhe"?* UPhawuli ngokwakhe wathi: *"Hlezi ngiphakanyiswe ngaphezu kwesilinganiso sokwanda kwezambulo."* (2 Kor. 12:7-10 ) Lokho, u-E.G. White uyasitshela: "Amandla woMoya kaNkulunkulu ngumuthi ongcono kakhulu ongatholwa ngowesilisa loba owesifazane ogulayo. Izulu lona liyimpilakahle; njalo lapho amandla ezulu enanzeleleka ngokwengeziweyo, kuyaba khona ukupholiswa kwabakholwayo."[86]

Ingabe kungamangalisi kumbe kungaqakathekanga lokho okwabhalwa ngusomabhizimisi othile? Yena wabelane ngokuthi zonke izingqungquthela zezempilakahle kazizange zimenzele lutho. Kodwa kusukela lapho waqala ukuthandazela uMoya oNgcwele nsuku zonke,

[85] Author unknown, *Our Daily Bread – Worship book* (RBC Ministries), 26. Nov. 1993

[86] E.G. White, *Medical Ministries* (1932) p.12.3

wayesetshintshe ngokupheleleyo ekubeni lendlela yempilakahle njalo wamukele indlela yokudla imibhida.[87] Lokhu akukhombisi yini ukuthi ukugcwaliswa ngoMoya oNgcwele kungasikhuthaza njalo kusinike amandla kanye lenjabulo yokwamukela indlela yokuphila elempilakahle?

Udade wafunda lokhu okwahlanganwa lakho. Wabhala: Ngokuzinikela kwami ngokupheleleyo kuJesu, uNkulunkulu watshintsha impilo yami ngokupheleleyo ngesikhatshana. Ngemva komkhuleko wami wokuzinikela, ngangena emkulwini ekuseni, ngama eduze komtshina wekhofi, nganyakaza ikhanda ngasengizitshela ukuthi: hatshi, angisanathi khofi futhi. Muva, lokhu kwakungenzakala kubeyinto engakhangelelwanga, ngoba lapho ngizama ukuyekela ukunatha ikhofi, ngangitshaywa likhanda elibuhlungu okwensuku ezinhlanu - lezi kwakuyizimpawu eziqinileyo zokuyekela. Lapha angizange ngicabange lokuthi kuzaba lampumela bani kimi. Mina kuphela ngangizazi ukuthi ngangisafuni kunatha ikhofi. Namuhla angiselaso isifiso sekofi.[88] Lokhu kwabangeyinye kuphela yezinguquko ezinengi ekuphileni kwakhe. (Ngikhuthaza "*I-Andreasbrief*" lesihlanu ekunqobeni igwayi lotshwala kuloba ngubani ofuna ukukhululeka ekulangatheleleni lokhu. Ichaza ngobude indlela yokukhululwa ngomthandazo kanye lezithembiso (kutholakala kuphela ngesiJalimane).[89]

**Impilo eloMoya oNgcwele izakhuthaza kakhulu ukuguqulwa kwezempilakahle. Kuyindaba yolwazi lwezempilakahle oluhlobene lamandla enguquko.** Don Mackintosh, uMqondisi we-Newstart Global, i-Weimar, CA, uthi:

"Isidingo sangempela sosuku lwethu ayisiyo imfundiso yezempilakahle — silolwazi oluphakemeyo. Okudingakalayo lulwazi lwezempilakahle luxhaswe ngamandla okuliphila, okungamandla enguquko."[90]

"Imfundiso yezempilakahle iyodwa ayisiwo umsebenzi wothumo kwezempilakahle. Imfundiso yezempilakahle ayilethi kusila kulomthetho kaNkulunkulu oletha usindiso. Ukuba lamandla awempilakahle kumbe usindiso, amandla aguqulayo kaNkulunkulu kumele abekhona."[91] Okokucina, ngithanda ukubuza umbuzo lo: Khona ukusiliswa ngokukholwa ke? Kukhona okungakhangelelwa yini kungela kugcwaliswa nguMoya oNgcwele? (bona Makho 16:17-18; Jakhobe 5:14-16)

## UKULUNGISELELA UKUBUYA KUKAJESU KWESIBILI

Akukho okungathatha indawo yobudlelwane obuseduze loJesu ngoMoya oNgcwele njengokulungiselela ukuBuya kwesiBili (loba ukufela eNkosini). Lapho uKristu ehlala phakathi kwami ngoMoya oNgcwele, khona-ke ngimlungele ngomusa waKhe. Izindawo ezintathu zikhombisa lokhu. (Lokhu kukhulunywa ngakho ngokugcweleyo ku*Spirit Baptism and Earth's Final Events*, nguDennis Smith)

### Ubudlelwano Bomuntu Lokristu

---

[87] Email from 7.3.2013

[88] Email from November 18, 2014 from Sister M.

[89] Andreasbrief Nr.5, Sieg über Tabak und Alkohol, www.missionsbrief.de – Andreasbriefe. Man kann ihn auch beziehen bei Wertvoll leben, Adventist Book Center und TopLife – Wegweiser Verlag.

[90] Dave Fiedler, *D'Sozo,* (Remnant Publications), Forward

[91] Dave Fiedler, *D'Sozo*, (Remnant Publications), Forward

UJesu wathi: *"Futhi lokhu kuyikuphila okuphakade, ukuba bazi wena-Nkulunkulu wedwa oqinisileyo, njalo loJesu Kristu omthumileyo."* (Johane 17:3) "Wobakwazi" ligams elilengcazelo ejulileyo eBhayibhilini kulanamuhla olimini lwesiNgisi. Kusho ukuzinikela okupheleleyo, okuvela nxazonke njalo okulothando. Kukhona kuphela empilweni eloMoya oNgcwele. Lo mcabango uvezwa kulesi sicaphuno esilandelayo:

"Kufanele sibe lokuxhumana okuphilayo loNkulunkulu. Kumele sembathiswe amandla kusukela phezulu ngobhabhathizo lukaMoya oNgcwele, ukuze sifinyelele izinga eliphezulu; ngoba akukho usizo kithi langeyinye indlela."[92] Emfanekisweni wezintombi ezilitshumi uJesu wathi kwabayiziwula: "Angilazi." Sasiyini isizathu? Amafutha ayengeneli amele ukusweleka kukaMoya oNgcwele. (Math. 25:1-13 ). Amadoda abethela uJesu esiphambanweni, ayelolwazi olukhulu ngeTestamente Elidala. Kodwa ngenxa yokuhumutsha kubi kwabo, abazange bafune ubuhlobo loJesu.

Siyazi yini ukuthi isizukulwane sezinsuku zokucina, ngenxa yezimo zosuku lokucina, sizadinga ukuxhumana okuseduze noNkulunkulu?

## Ukulunga Ngokukholwa

Emlayezweni wokucina kaNkulunkulu ebantwini oselizwini lezingilosi ezintathu uhlobene lombuzo wokumenyezelwa "kwevangeli laphakade". (IsAm. 14:6-7) Yiphi ingqikithi yaleli lizwi okufanele umhlaba wonke ulizwe futhi ozakulizwa? Yikulunga ngomusa ngokukholwa kuJesu Kristu yedwa (Efe. 2:8-9). Labo abazamemezela ivangeli lensuku zokucina ngamandla, kumele bezwe amandla evangeli bona ngokwabo. Kufanele bazi futhi bezwe ukulunga ngokholo ngoJesu yedwa njengomthetheleli lomhlengi esonweni. Lokhu kungenzeka kuphela empilweni egcwaliswe ngoMoya oNgcwele uJesu Kristu angasivumela ngayo ngokulalela kwethu. Ukuhlala kukaJesu kithi kubonakala ngokulalela yonke imiyalo kaNkulunkulu. Umhlaba uzakhanyiswa yileli vangeli (Samb. 18:1).

## Ukuthanda Iqiniso

Yiphi imiphumela ezaba khona ezimpilweni zethu namuhla ngokuphila okulawo loba okungelawo uMoya oNgcwele kukhangelwa **ukuthanda iqiniso, ukufunda izwi likaNkulunkulu kanye lokuphila iqiniso ezimpilweni zethu?** 2 Thes. 2:10 NKJV ithi, **"... ababhubhayo, ngoba kabamukelanga uthando lweqiniso, ukuze basindiswe".** Labo, abangeke badukiswe, balokuthanda iqiniso ezinhliziyweni zabo. Sikuthola njani lolu uthando? Singaba lalo kuphela nxa uJesu Kristu ephila kithi ngoMoya oNgcwele. Rom. 5:5 uthi uthando olusezinhliziyweni zethu luvela kuMoya oNgcwele. Efe. 3:17 isitshela ukuthi *"sizogxiliswa futhi sisekelwe othandweni"* ngoMoya oNgcwele. KuJohane 16:13 uMoya oNgcwele ubizwa ngokuthi *"uMoya weqiniso"*. Lokhu kusitshengisa ngokusobala lokho ukuthi kudingekile ukuba ngumKristu ongokomoya ukuze athande iqiniso. Silohlupho yini namuhla ngokuthanda iqiniso, izwi likaNkulunkulu, lemibhalo yesiphrofethi? Cabanga ngezikhathi esizilandayo: "Yilabo kuphela abafundi bemiBhalo ababekhuthele njalo bathanda iqiniso abavikelwe ekudukeni okulamandla okuthumba umhlaba… abangabantu bakaNkulunkulu sebeme ngokuqinileyo yini ezwini Lakhe okokuthi ngeke bavume ubufakazi bemizwa yabo? "[93]

[92] E.G. White, *Review and Herald,* April 5, 1892

[93] E.G. White, *The Great Controversy* (1911), p. 625.3

UNkulunkulu akabuzi ukuthi silitholile lonke iqiniso yini, kodwa Yena ubuza ukuthi siyalihanda yini iqiniso.

## ISITHELO SIKAMOYA KUMBE IMISEBENZI YENYAMA

"Amandla woMoya oNgcwele ayikuphila kukaKristu emphefumulweni. Asimboni uKristu njalo sikhulume Laye, kodwa uMoya waKhe oNgcwele useduze nje lathi endaweni eyodwa njengalokho ukomunye. Usebenza ngaphakathi kuye wonke umuntu owamukela uKristu. **Abazaziyo ukuhlala kukaMoya ngaphakathi bembula izithelo zikaMoya… "[94]**

Gal. 5:22: *uthando, lokujabula, lokuthula, lokubekezela, lobubele, lobuhle, lokuthembeka, ubumnene, ukuzithiba.* Efe. 5:9 NKJV: *bonke ubuhle, lokulunga, leqiniso.*

Gal. 5:16-21 NKJV isikhombisa ukuthi amandla esono ayakwephulwa kithi ngoMoya oNgcwele.

"...Hambani ngoMoya lingakholisi inkanuko zomzimba. Ngoba inkanuko zomzimba ziphambene lezikaMoya, kanti lenkanuko zikaMoya ziphambene lezomzimba; lezizinto ziphambene ukuze lingenzi lokho elikuthandayo. Kodwa uba likhokhelwa nguMoya kalisekho ngaphansi komlayo."

(Bona njalo uRoma 7:23 lo 8:1) "Imisebenzi yomzimba isobala; yiyo le, ukuphinga, lokungcola, lamanyala, lokukhonza izithombe, lokuthakatha, lobutha, lenkani, lomona, lolaka, lokubanga, lokuxabana, lokwahlukana, lomhawu, lokudakwa, lokuminza, lokunye okunjalo. Ngiyalitshela njengoba ngalitshela ngaphambili ukuthi abenza okunje kabayikulidla ilifa lombuso kaNkulunkulu."

Usuku 29

Kwabasegalathiya 5:19-21

## IZIPHO ZIKAMOYA

"Ngaphansi kweziphiwo zomoya sitsho iziphiwo ezinikezwa ngokusebenza kukaMoya oNgcwele, njenge zibalwe ku-1 Kor. 12:28 kanye labase-Efe. 4:11: abaphostoli, abaprofethi, abavangeli, labafundisi, ababalisi, labenza izimangaliso, labasilisi, labasizi, labaphathi, lezindimi ezihlukahlukeneyo. Lezi zipho zilengxenye 'ekuhlomelelweni kwabangcwele emsebenzini wenkonzo'. … Baqinisekisa ubufakazi bebandla futhi babunikeza ubuthungameli lokuholwa."[95]

UMoya oNgcwele futhi unikeza amanye amathalenta ngezinjongo ezithile: "olwazini kanye kuzo zonke izinhlobo zobungcweti" (Eksodusi 31:2-6) loba izakhiwo (1 IziKr. 28:12, 19). Nxa sifuna ukuba ngabafundi bakaJesu sinikela kuye konke esilakho lesiyikho khona. Ngakho-ke, wonke amathalenta ethu lokwanelisa kwethu, kungokwemvelo njalo kufundile, njalo kubekwe esandleni saKhe. Angasinika amathalenta amanye futhi/loba angaphelelis njalo ahlanze ukwanelisa kwethu ngokwemvelo.

Singaba leziphiwo zomoya laloba silawo ongayenelanga uMoya oNgcwele yini?

## UKUKHETHA KUKANKULUNKULU LOBA UKUKHETHA KWABANTU?

---

94 Editor Francis D. Nichol, *Adventist Bible Commentary* Vol. 6 (Hagerstown, 1980), p. 1112

95 Hrsg. Gerhard Rempel, *Schlüsselbegriffe adventistischer Glaubenslehre* (Hamburg), p. 44

Silesimo ebandleni esilenkululeko yokhetho umhlaba wonke. Kodwa akuzange kube njalo kucatshangangwa njengentando kazulu ethandwayo. Umgomo wangempela wamavoti ethu yikuthi wonke umuntu alalele izwi likaNkulunkulu futhi avote ngokufaneleyo. Ngokulalela ilizwi likaNkulunkulu kwenza intando kaNkulunkulu yaziwe ngevoti. Ngokuqinisekileyo siyathandaza ngaphambi kokuba sibe lengxenye kuloba yiphi imihlangano yebhodi. Ngokuvamileyo, ithuba linikezwa ngaphambi kokuba kuvotwe, ithuba lomthandazo ukuze kucace kumuntu ngamunye ukuthi uNkulunkulu ufuna ukuthi kuvotwe njani. UNehemiya wathi: *"Khona-ke uNkulunkulu wami wakufaka enhliziyweni yami…"* (Neh. 7:5) kanye lo E.G. White watsho lokhu ngoNehemiya isahluko 1: "Futhi ngesikhathi ethandaza, kwaba lenhloso engcwele eyakheka engqondweni yakhe…"[96]

Ingabe umKristu womhlaba uzalizwa yini ilizwi likaNkulunkulu? Nxa engananzelelanga njalo ngokupheleleyo azinikele eNkosini, khona-ke ngokuqinisekileyo ngeke ayithole impendulo (IHu. 66:18; IHu. 25:12). Nxa umuntu, engumKristu womhlaba, evota ngobuqotho ngokwazi kwakhe konke, khona ke ngokukhuluma komuntu kulungile. Kodwa izivumelwano zabantu ezijahiweyo zingenziwa, lokhu kubayikukhohlisa kanye lesono.

Abathungameli balokufuqa okukhulu emsebenzini kaNkulunkulu. Impela kwenza omkhulu umehluko njalo kungaba lemiphumela emikhulu uma abafowethu labodadewethu bethungamela, ababizwe nguNkulunkulu loba abakhethwe ngamavoti abantu.

Ngesikhathi ngifunda ugwalo olukhuluma ngomthandazo ngabona ukuthi singacela uNkulunkulu ukuthi asibonise indlela okufanele sihambe ngayo. (IHu. 32:8) Ukulalela ngokuthula izwi likaNkulunkulu kwakushintsha yonke impilo yami. Ngikhuluma ngalokhu engahlangana lakho kuphetshana elilesihloko esithi "From Business Representative to Pastor" (itholakala ngesiJalimane kuphela).[97] Kukhona lentshumayelo enhle ongayilaela ekaKurt Hasel "How Can I Make The Right Decisions?" (Itholakala kuphela ngesiJalimane)[98] Futhi kukhona lentshumayelo ejulileyo okufanele ifundwe eyeminyakeni eyadlulayo eyalotshwa nguHenry Drummond: "How can i know God's will?" (Itholakala ngesiJalimane kuphela)[99] Nansi isehlakalo esenzeka ngoMfumfu 23, 2014: inziki yothumo "Country Life Institute Austria" eCarinthia, Austria (TGM-Trainingszentrum für Gesundheitsmission und Gesundheitszentrum Mattersdorferhof) yayikhangelane lesinqumo: Ingabe kufanele sakhe isengezo loba hatshi? Kwakunezinto eziningi ngaso njalo langokumelane laso. Umbuzo oqakathekileyo wawuyikuthi: Yiphi intando kaNkulunkulu ngale ndaba? Asizange sisaxoxa ngobuhle lobubi, kodwa sathandaza izinsuku eziyishumi lokho iNkosi izosilungiselela ukuba sizwe izwi Layo lokuthi izasinika impendulo Yayo emhlanganweni womkhuleko ngoMfumfu 23 (emva kokuba izihambeli zase-Newstart sezihambile) nxa kufanele sakhe isengezo loba hatshi.

Umhlangano womkhuleko wawulabahlanganyeli abadlula amatshumi amabili. Ngemva kokuhlanganyela emthandazweni umuntu ngamunye wacela uNkulunkulu ngokuthula ukuba amtshele uma kufanele ukwakhiwa loba hatshi. Izimpendulo zomuntu munye ngamunye ezivela kuNkulunkulu zabelwana leqembu njengkulandelayo: ephepheni kufanele babhale ukuthi "+" lapho kufanele kwakhiwe, bona kufanele babhale ukuthi "–" lapho kungafanelanga bakhe, kufanele babhale "o" lapho bengelayo impendulo njalo kufanele babhale u-"?" Kanye

[96] E.G. White, *Southern Watchman (www.egwwritings.org),* March 1, 1904

[97] www.gotterfahren.info – Gott verändert Leben – Vom Prokurist zum Prediger

[98] www.gotterfahren.info – Wege zum Ziel: Gott erfahren – Gottes Botschaft für unsere Zeit – Thema Nr. 11

[99] Missionsbrief.de – Predigten lesen – Henry Drummond: Wie erkenne ich den Willen Gottes? (Deutsch und Englisch)

lolunye uphawu lapho babengaqiniseki ngempendulo. Umphumela waba yisibonakaliso sokuhola kukaNkulunkulu okumangalisayo: Kwakukhona abangu-14 “+” (4 kulawa alalokhu “+?”), 6 “o" lezingu-4 ezingelalutho emaphepheni. (Kwabakhona futhi izimpendulo ezingu-2, ezazingacaci njalo zingabalwa.) Kanjalo ngokukaNkulunkulu ukuhola kwakucaca kakhulu ukuthi kufanele sakhe. Ngilesiqiniseko sokuthi sizokwenza ngqo ukufuna iseluleko sikaNkulunkulu kakhulu ezinsukwini zokucina.

UJoweli 2:28-29 ubonisa lokhu. E.G. White uyaphawula: “Kufanele sizwe munye ngamunye ekhuluma lenhliziyo. Lapho wonke amanye amazwi ethulisiwe, futhi ekuthuleni silinda phambi Kwakhe, ukuthula komphefumulo kwenza izwi likaNkulunkulu lehluke kakhulu.

Uthi kithi, ‘Thulani, lazi ukuthi mina nginguNkulunkulu. IHubo 46:10.[100]

## IMALI

Yiwuphi umehluko okhona phakathi kwamaKristu okomoya lawomhlaba maqondana lenzuzo lasekuphatheni imali? Ngabe sizibona singabanikazi bendingeko zethu loba njengababaphathi bakaNkulunkulu? “Uthando lwemali nothando lokubukisa selwenze leli lizwe labangumgodi wamasela labaphangi. ImiBhalo ifanekisela ubuhwaba kanye lokucindezelwa okuyaba khona ngaphambi nje kokubuya kwesibili kukaKristu.”[101]

*Usuku 30*

## IZINGELOSI ZIKANKULUNKULU ZIVIKELA ABANTU ABESABA UNKULUNKULU

*Izingilosi zikaNkulunkulu zivikela abantu abesaba uNkulunkulu. “Ingilosi kaJehova iihlala ibazungezile bonke abamesabayo, futhi ibakhulule.”* ( IHubo 34:7 ) “Ingilosi evikelayo imiselwe wonke umlandeli kaKristu. Laba balindi basezulwini bavikela olungile emandleni omubi.”[102] Nxa kukhulunywa ngabantu abesaba uNkulunkulu, abalandeli bakaKristu labantu abalungileyo babe ngaphansi kukaNkulunkulu ebavikela, ingabe lokhu kutsho ukuthi kusebenza kuloba ngubani ozibona engumKristu? Ingabe iyasebenza lakulabo abangazange banikele izimpilo zabo ngokupheleleyo kuNkulunkulu na? Kuliqiniso ngabantwana, ngoba uJesu wathi kuMath. 18:10: *“Qaphelani lingadeleli oyedwa kulaba abancinyane, ngokuba ngithi kini ezulwini izingilosi zabo zibona kokuphela ubuso bukaBaba osezulwini.”* UDavida, owabeka ukuphila kwakhe ngokupheleleyo kuNkulunkulu, wakwazi ukuthi wayengelasizatho sokwesaba.

Wathi: *“UJehova uyikukhanya kwami lensindiso yami; Ngizokwesaba bani? INkosi iyiwo amandla empilo yami; ngizakwesaba bani?* ( IHubo 27:1 ) (Ngikhuthaza ukuthi ufunde ebhukwini elithi Impikiswano Enkulu esahlukweni 31 ingxenye emayelana lenkonzo yezingilosi ezinhle. Lokhu kuyinjabulo enkulu kubo bonke abantwana bakaNkulunkulu.)

## AMAZWI OKUVALA

Sithinte izindawo ezimbalwa kuphela. Kuselezindawo ezinengi zempilo lokholo Okungabe ziyengeziwe. Kukho konke lokhu okulandelayo kuliqiniso:

***Nxa sikhangelisisa umehluko khathesi, akukho ndawo eyodwa engelabo ubuhle obukhulu ngempilo eloMoya oNgcwele. Njalo ngakolunye uhlangothi, ayikho indawo eyodwa lapho***

---

[100] E.G. White, *The Desire of Ages* (1898), p. 363.3

[101] E.G. White, *Prophet and Kings* (1917), p. 651.1

[102] E.G. White, *The Great Controversy,* (1911), p. 512.2

***kungekho ukonakala okukhulu ngokuphila singelawo uMoya oNgcwele. Akufanelanga yini ukuba yisikhuthazo esikhulu kithi nsuku zonke lapho sinikela ukuphila kwethu kuNkulunkulu njalo sicele ukugcwaliswa ngoMoya oNgcwele?***

"Eminyakeni ethile edlule i-Boeing 707 yasukuma esikhumulweni sezindiza saseTokyo ilibangise eLondon. Yasukuma kahle kakhulu. Isibhakabhaka sisegcekeni, ilanga libalele. Ngesikhatshana, ababegadile basebebona iNtaba iFuji edumileyo eJapane. Ngokuphazima kweso umtshayeli wendiza waba lombono wokuzungeza abhode intaba ukuze abagadileyo babone kuhle lo mbono oyivelakancane.

Waphuma emzileni ayehamba ngawo owawumisiwe futhi washintsha waba yindiza ebonakalayo. Ngesikhathi sokundiza okubonakalayo, umtshayeli ukhipha ukuxhumana labasesiteshi phansi aqale ukutshayela ngalokho akubonayo. Umshayeli wendiza wabona intaba iseduze ngaphansi kwakhe. I-altimeter yakhe yabonisa amamitha angu-4000 okusuka emhlabathini usiya kuyo. Angakubonanga kuhle yimimoya lokuvunguza komoya okwakuvunguza eNtabeni iFuji. I-Boeing 707 yayingela kumelana lomoya lo. Indiza yephuka emoyeni, yaphahlazeka phansi njalo bonke ababephakathi bafa."[103]

UmKristu womhlaba uphila "ngendlela yokundiza ethembe akubona ngamehlo". Uthatha zonke izinqumo yena yedwa. Loba elenhloso ezinhle, uyakwehluleka. UmKristu kamoya uyaphila ngoMoya oNgcwele ebudlelwaneni bothando lokuthembana leNkosi Yakhe, emthungamelela endaweni yokuphepha.

***Umkhuleko: Baba osezulwini, ngiyabonga ngokuhlala kukaJesu ngoMoya oNgcwele wenza umehluko omuhle kangaka kithi kanye lasemsebenzini wethu. Ngiyacela ukuthi vula amehlo ami kakhulu ngibone umsebenzi kaMoya oNgcwele. Ngicela unginike lokhu ukuphila okugcwalisekileyo Ngaye, uJesu afuna ukusinika khona. Ngicela ungisize ukuthola isihluthulelo sokuxazulula lolu hlupho esahlukweni esilandelayo futhi usenze sikuphile. Ngiyabonga. Amen.***

*Ngize ukuzoletha umlilo*

*Emhlabeni. Ngiyafisa ukuthi*

*Ngabe lowo mlilo kudala wagala.*

[103] Kalenderzettel February 17, 1979 by Reinhard Petrik

**191. Ukuthuthukela emibhapathizweni engu-31 - UMoya oNgcwele uzenza uzwiwe**

I-Sri Lanka Mission yabeka u-Subani, i-Global Mission Pioneer entsha, eMatara ukuze amise ibandla elitsha. *Izinyathelo Zokuvuselela Umuntu Siqu* zahunyutshelwa olimini lwesiSinhalese lesiTamil ngazo zombili izilimi zisuka eSri Lanka. Phakathi kuka-2022 inqwaba yezincwajana yafika eMatara. U-Subani wafunda le ncwajana izikhathi ezimbalwa wasesaba amakhophi ale ncwajana labo bonke ayexhumana labo. Njalo ngeSabatha u-Subani wayehlela ukuthi umuntu afunde ingxenye yencwajana ngesikhathi sokwandulela kweSikole SeSabatha futhi athandaze kanye lamalunga. Wakhuthaza labo ayebathinta ukuba bafunde ingxenye yencwadi nsuku zonke futhi bathandazele ubhapathizo lukaMoya oNgcwele nsuku zonke. Ezinyangeni ezimbalwa, waqaphela ukuthi amalunga ayeselangathelela ukuya ebandleni futhi aphatheka ezinhlelweni zokukhuleka okwenza umsebenzi wakhe waba lula kakhulu. Lapho besenza uhlelo lokubhapathiza ngoDecember 2022, kwakulaba bhapathizwayo abangu-31, ababephakeme kakhulu kuzo zonke izindawo eziseSri-Lanka Mission. Ngelinye iSabatha ekuseni, u-Subani wafika eholu elaliqashiwe ekuseni kakhulu, wabeka izihlalo ukuze akhonze futhi waguqa ebhodini wathandazela isibusiso sikaNkulunkulu. Kuthe kusenjalo wahlabeka umxhwele lapho evula amehlo wabona amalangabi omlilo esihlalweni ngasinye abesibekele uhlelo lokukhulekela. USubani wazizwa edidekile wacabanga ukuthi uyaphupha. Kodwa ngemva kokubuka ezinye izingxenye zeholu izikhathi ezimbalwa futhi wabona indawo ezungezileyo njengevamile futhi wabona ukuthi uNkulunkulu wayeqinisekisa inkonzo kaMoya oNgcwele ebandleni labo. Uhlezi embonga uNkulunkulu ngokumnikeza lezi zincwajana ngesiSinhala; futhi umsebenzi wenziwe waba lula kakhulu futhi waba lezithelo. EE 110323 Sri Lanka N.S., #191

**Imicabango Yakho kanye Lengqubo Yezingxoxo**

*1. Ingabe umsebenzi omkhulu wobuthunywa ungenzeka ngaphandle kukaMoya oNgcwele? Ungaletha impumela engakanani?*

---

---

*2. Yiwuphi umphumela uMoya oNgcwele olawo endleleni yami yokuphila? (imisebenzi yansuku zonke, impilo, okokugqoka, ubudlelwano)*

---

---

*3. Lutsho ukuthini "uthando lweqiniso" empilweni yami?*

---

---

*4. Ziyini izipho zomoya?*

---

**Isikhathi Sethu Sokuthandaza**

• Xhumana lomlingani wakho womkhuleko lixoxe ngesihloko.

• Thandaza lomlingani wakho womkhuleko …

1. ukuthi iNkosi ikugcwalise ngoMoya oNgcwele.
2. ukuthi wazi ukuthi kungani isizukulwane sesikhathi sokuphela sidinga isilinganiso esikhethekileyo sikaMoya oNgcwele.
3. ukuthi siphathe imali ngendlela engabusiswa nguNkulunkulu.

*Usuku 31*

ISAHLUKO 5

# INDLELA EMQOKA YOKUKUPHILA: UKUKHULEKA NGEZITHEMBISO

*Ngingayisebenzisa njani indlela kaNkulunkulu le eyokuxazulula?*

**UMTHANDAZO LOKUGCWALISWA NGUMOYA ONGCWELE**

Kuqakathekile ukuthi sihambe kulolu hambo ngokukholwa lokuthi sicele ngakho ukukholwa kukaMoya oNgcwele. Lokho kutsho ukuthi emva kokuthandazela uMoya oNgcwele thina kudingeka sithembe futhi siqiniseke ukuthi iNkosi iwuphendulile umkhuleko wethu lokuthi ivele yasinika uMoya oNgcwele ngesikhathi sicela.

Gal. 3:14 NKJV ithi*: "… ukuze samukele isithembiso sikaMoya* ***ngokukholwa****."* Okunye ukuhumutsha (NIRV) ithi: *"… ukuze samukele isithembiso sikaMoya oNgcwele* ***ngokukholwa*** *kuKristu."*

UNkulunkulu usinike usizo olukhulu ukuze simethembe kalula uBaba wethu osezulwini.

Sikubiza ngokuthi **"ukukhuleka ngezithembiso".**

**UKUKHULEKA NGEZETHEMBISO**

Okokuqala, nansi isibonelo esilusizo: Ake sicabange ukuthi umntanami kasazi kahle isiFrench eskolo. Ngifuna ukumkhuthaza ukuthi afunde kanzima isiFrench. Ngiyamthembisa nxa engaphumelela kuhle uzothola u-$20 kimi. Umntwana uqala ukufunda kanzima. Ngiphinde ngimsize ngesiFrench abesephumelela kuhle. Besokusenzakalani ke lapha? Uma ingane ibuya ivela eskolo lapho ingena ngomnyango ongaphambili imemeza kakhulu: "Baba, $20!" Kungani eqiniseka kangaka ukuthi uzayithola i-$20? Ngoba isithembiso senziwa njalo yena wasegcwalisa indingeko. Eqinisweni, lokhu kuvamile ebantwini abanengi lamuhla.

Kodwa kungenzeka ukuthi ngaleso sikhathi, angilayo i-$20. Kungaba yikuthi uNkulunkulu kalayo into Ayithembisileyo yini? Akwenzi!

Kumbe kubeyikuthi ngibisela isithembiso sami ngithi: "Ngifunde encwadini ekhuluma ngemfundo ukuthi akufanelanga ukuthi ukhuthaze umntwana ukuthi afunde ngemali. Ngakho angenelisi ukukunika i-$20." Ingabe uNkulunkulu uyawushintsha umqondo Wakhe muva na? Akwenzi!
Siyakubona lokhu ukuthi nxa silesithembiso esivela kuNkulunkulu njalo sesigcwalisile okudingekayo, kulento eyodwa engenzeka — ukuthi samukele isithembiso. Ngezithembiso zikaNkulunkulu ufuna ukusikhuthaza ukuthi sihambe ngendlela ethile - ngokwesibonelo ukuthola uMoya oNgcwele, osinika amandla kaNkulunkulu ezimpilweni zethu.

Ufuna ukwenza kube lula kithi ukumethemba. Ukwethemba kusenhliziyweni yokukholwa. Manje sifuna ukufunda amavesi eBhayibhilini aqakathekileyo ku-1 Johane 5:14-15 awokuthi sithandaze ngezithembiso:

*"Manje yilokhu ukuqiniseka esilakho Kuye, ukuthi,* ***nxa sicela ulutho ngokwentando Yakhe uyasizwa."***

UNkulunkulu unikeza isithembiso esivamilyo sokuthi uyayiphendula imithandazo evumelana leyakhs intando. Intando kaNkulunkulu ivezwa emiyalweni lasezithembisweni. Silakho ukuthemba kukho emithandazweni yethu. Bese kuthi kuvesi 15 iqhubeke ithi:

*"Njalo nxa* ***sisazi*** *ukuthi uyasizwa, loba yini esiyicelayo,* ***siyazi ukuthi silazo izicelo esizicele kuYe."***

Eyinye Ehumutshelweyo (NIRV) ithi:

*"Uma sisazi ukuthi uNkulunkulu uyasizwa esikucelayo,* ***siyazi ukuthi sesilakho."***

Kutsho ukuthini lokho? Imithandazo yethu ngokwentando kaNkulunkulu iyaphendulwa **ngaso leso sikhathi esiyiletha ngaso kuNkulunkulu.** Kodwa ngokwemizwa ngokuvamileyo asinanzeleli lutho. Imithandazo yethu iphendulwa ngokukholwa, hayi ngemizwa yethu. Imizwa izafika muva.

Lapho ngithandaza labantu asebengenwe kakhulu yi-nicotine kanye lotshwala ngiye ngafunda: Ngesikhathi lapho bethandazela ukukhululwa ababoni lutho. Bemukela impendulo **ngokukholwa**. Kodwa ngemva kwamahora ambalwa bayabona ukuthi abaselakho ukuhalela igwayi loba utshwala. Ngalesi sikhathi sebeyitholile impendulo engokoqobo yomthandazo wabo.

UJesu wathi kuMarko 11:24: "*Ngakho-ke ngithi kini: Konke elikucelayo nxa likhuleka, kholwani ukuthi* ***likwamukelisiwe****, liyakuba lakho."*

E.G. White uthe: "Asidingi ukubheka ubufakazi bangaphandle besibusiso. Isipho sisesithembisweni, njalo silakho ukuthi siqhubeke lomsebenzi wethu siqinisekile ukuthi lokho uNkulunkulu akuqinisileyo ulamandla okukwenza, lokuthi **isipho, esesivele silaso, sizananzelelaka kalula nxa sesisidinga kakhulu."[104]**

Ngakho-ke akufanele sifune ubufakazi bangaphandle. Lapha ngokuqinisekileyo kutsho ukucinga okuhlangenwe lakho okungokomuzwa. U-Roger J. Morneau wathi: "Imimoya [amademoni] yayiyokhuthaza abantu ukuba balalele imizwa yabo esikhundleni sezwi

[104] E.G. White, *Education* (1903), p. 258.2

likaKristu labaprofethi Bakhe. Ayikho indlela eqinisekile ukuthi imimoya yayingenelisa ukulawula izimpilo zabantu ngaphandle kokuthi abantu babone okwenzekayo.” [105] Ukuthandaza ngezithembiso kusivulela ingcebo kaNkulunkulu. UBaba wethu osezulwini olothando usivulela i-akhawunti engapheliyo. “Bona (abafundi) bangakhangelela izinto ezinkulu nxa belokukholwa, ezithembisweni zaKhe.”[106]

Usuku 32

## IMIHLOBO EMIBILI YEZETHEMBISO

Ngesikhathi esifanayo kuqakathekile ukwehlukanisa phakathi kwezithembiso zeBhayibhelini: **“Izithembiso zomoya**—zokuthethelelwa kwezono, koNgcwele uMoya, owamandla okwenza umsebenzi Wakhe – akhona njalo (bona Imisebenzi 2:38-39). Kodwa izithembiso zezibusiso ezingayi kuhlala, ngisho okwempilo uqobo lwayo, zinikezwa ngezikhathi ezithile njalo zigodlwe ngezikhathi ezithile, njengoba ukuphatha kukaNkulunkulu kubonakala kungcono.”[107]

Isibonelo: Isaya. 43:2 *“Lapho uhamba emlilweni, awuyikutsha, lelangabi aliyikukukushisa.”* UNkulunkulu wasigcina lesi sithembiso ngendlela emangalisayo kubangane abathathu esithandweni somlilo (Dan. 3). Kodwa ngakolunye uhlangothi, the abashisekeli bezinguquko uHus loJerome batshiswa eConstance. Silakho ukuthi imithandazo yabo ayiphendulwanga. Kodwa kungelani, abaphendulwanga yini ngendlela esingayijwayele? Kungani? Umbhali kapapa wachaza ukufa kwalaba bafel’ ukholo kanje: “Bobabili babelengqondo efanayo lapho sekusondele ihora labo lokucina. Balungisela umlilo sengathi baya edilini lomtshado. Abazange bakhale ngobuhlungu. Lapho ilangabi liphakama, baqala ukuhlabela amahubo; futhi ukukhula komlilo kwakungamisa ukuhlabelela kwabo.”[108]

Uma umuntu etshiswa, angakwenza yikuhlaba umkhosi kuphela. Ukuziphatha kwabo kuveza ukuthi uNkulunkulu wangenela, hayi ngendlela ebonakala kalula kithi. Lokhu kuyangibonisa ukuthi izithembiso ezingahlaliyo lazo ziqakathekile kithi.

## UKUBONGA IMPENDULO

Khathesi, ngokolunye udaba oluqakathekileyo: Lapho izicelo zethu sezivunyiwe ngaleso sikhathi esicele ngaso, khona-ke kulungile ukubonga uNkulunkulu ngempendulo yokulandelayo. **Ukubonga kwethu ngalesi sikhathi kukhombisa ukwethemba kwethu kuNkulunkulu** ukuthi usiphendulile umthandazo kanye lokuthi silindele ukuthi ugcwaliseke ngesikhathi esiwudinga ngawo kakhulu. Amanye amakholwa abona okuthile ngokuphangisa khonapho ngemva kokuthandaza. Kodwa kumakholwa amaningi kuyafana lalokhu okwahlanganwa lakho okuka-Elija: UJehova wayengekho esiphephweni, ekuzamazameni komhlaba loba emlilweni, kodwa elizwini elithuleyo, elincane (1 AmaKhosi 19:11-12). Lokhu njalo yikho okwangehlelayo.

Ngemva kwesikhathi eside ngacabanga ukuthi akwenzekanga lutho. Ngasengingazelela ukuthi zinengi izinto eziguqukileyo kimi ngingnanzeleli

Usuku 33

## GUQULA UKUCABANGA KWAMI

Lokhu kusho ukuthi: **Kuyadingeka ukuthi ngiguqule ukucabanga kwami ngalesi sikhathi:**

---

105 Roger J. Morneau, *A Trip into the Supernatural,* Review and Herald 1982, p. 43

106 E.G. White, *The Desire of Ages,* (1898), p. 668.1

107 Morris L. Venden, *95 Theses on Righteousness by Faith,* (Pacific Press 1987), p. 60

108 E.G. White, *The Great Controversy*, (1911), p. 109.3 Neander, “Kirchengeschichte“, 6.Per., 2. Abschnitt, 2. Teil, §69; Hefele „Konziliengeschichte“ Bd. VI, S.209 f

*"... kodwa liguqulwe ngokwenziwa ibentsha ingqondo yenu..."*(KwabaseRoma 12:2 NKJV).

**Khathesi** kuqondile ukuthi: Ngiyabonga ngokuthi uwuphendulile umthandazo wami. Ngiyabonga ukuthi uhle wasamukela isicelo sami. Ngiyabonga ukuthi ngizahlangana lakho ngesikhathi esifaneleyo.

**Lokhu ayisikho ukuzikhohlisa.** Ngokuzikhohlisa ngizama ukuncenga mina. Lapho engithandaze khona ngesithembiso, khona-ke ngilesisekelo saphezulu ngokutshintsha kwami ukucabanga, ngoba sengivele ngaphendulwa ngokukholwa. Kulokhu icala, uma ngingaguquli ukucabanga kwami, khona-ke ngikhombisa uNkulunkulu ukuthi angimethembi, kodwa ngizizwa ngigxilile. Ngalokhu kuziphatha ngenza uNkulunkulu abe ngumqambi wamanga nentando ngalokho angamukeliswa lutho.

Kuqakathekile futhi ukuthi ngenze ngokufaneleyo, loba ngingaboni lutho. UNkulunkulu uhlezi ehlanganisa isidingo sokukholwa. Ufuna simethembe. Cabanga ngokuchapha uMfula iJordani. Abapristi kwakufanele baqale bangene emanzini kuthi abesesehlukana amanzi. UNamani kwadingeka acwiliswe emanzini kasikhombisa engakasiliswa.

Mhlawumbe uthi: "Ngeke ngikwenze lokho. Ngeke ngicabange ngisenza lokho." Sicela ukhumbule ukuthi kunezinto ezinengi esingeke sazichaza. Kuze kube namuhla, thina angazi ukuthi ugetsi uyini, laloba sonke siwusebenzisa. Kuze kube namuhla, asazi indlela izingane ezifunda ngayo ukukhuluma. Kodwa bonke bayakufunda. "Emvelweni sikhona njalo sizungezwe yizimanga ezingaphezu kwamandla ethu. Kufanele thina besesimangala ukuthola umhlaba womoya kulezimfihlakalo esingeke sazichaza?"[109]

Ake sicabange ngoZaga. 3:5-6: *"Themba kuJehova ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi ungeyami kokwakho ukuqonda; kuzo zonke izindlela zakho mazise yena, futhi Yena izoqondisa izindlela zakho."* Lapha sithola izindingeko ezicacayo ezivela kuNkulunkulu zalesi sithembiso sokuqondisa izindlela zethu. Yonke indingeko iphinda ibe ngumlayo. Nxa singekho isiqiniseko sokuthi sizigcwalisile lezi ndingeko, lapho singathandazela ukuzimisela ngesiqiniseko sokuthi iNkosi izasiphendula ngokuphangisa. "...kodwa nxa 'uvuma ukwenziwa ufise; uNkulunkulu uzakukwenela lumsebenzi…"[110]

Into encane engasiza: Siyazi yini ukuthi siyenzani, lapho sithandaza ngesithembiso sikaNkulunkulu, sigcwalisisa indingeko kodwa singabaza ukuphendulwa? Senza uNkulunkulu umqambi wamanga. Akula simo esingakwenza ngaso lokho. Kulokhu, khuleka: Nkosi, ngiyakholwa, siza ukungakholwa kwami. Ubesuthemba!

***Kuleseluleko esiqakatheke kakhulu sokuthandaza ngezithembiso esahlukweni esithi "Ukukholwa kanye Lomthandazo" egwalweni elithi "Education" ka-E.G. White.***

Usuku 34

## UKUTHANDAZELA UMOYA ONGCWELE

Ngicabanga ukuthi sileziqu ezingcono kakhulu zokuthandazela ukugcwaliswa nguMoya oNgcwele. Kodwa akufanelanga sikhohlwe ukuthi akulani lokwenza uNkulunkulu azimisele ukwenza intando yethu, kodwa sikholwe ezithembisweni Zakhe kanye lokwethembeka Kwakhe.

[109] E.G. White, *Education* (1903), p. 170.1

[110] E.G. White, *Thoughts from the Mount of Blessing* (1896), p. 142.1

**Isithembiso Sokwemukela uMoya oNgcwele**

INkosi isinike izithembiso ezimangalisayo zokwamukela uMoya oNgcwele:

**Luka 11:13;** *"Ngakho-ke nxa lina elibabi likwazi ukupha izipho ezinhle ebantwaneni benu, **kakhulu kangakanani uYihlo osezulwini uzakupha uMoya oNgcwele** kulabo abamcelayo!"*

Ngabe uBaba wethu osezulwini akenzanga isibopho esipheleleyo lapha? Okudingakalayo kulesi sithembiso esihle yilokhu: cela! Lokho uJesu kaqondanga ukuthi sicele kanye, kodwa ukwenza isicelo njalo njalo.

Ngalokho kuqakathekile ukubona indikimba lapha. Kufanele futhi sifunde eminye imibhalo, ekhuluma ngento efanayo, isibonelo:

**Imisebenzi 5:32**: *"Thina singabafakazi bakhe balezi zinto, ngokunjalo uMoya oNgcwele uNkulunkulu awunike labo abamlalelayo."*

Indingeko lapha ithi: **ukulalela**! Siyabona lapha ukuthi asikwazi ukuzisekela ngombhalo owodwa kuphela: kufanele futhi sicabangele Indikimba yesithembiso. Akulank lokulalela kanye nxa into emnandi kithi. Kodwa, kuhambelana lokumlalela: umhlengi wethu omangalisayo kanye engumngane. Ukulalela kuletha injabulo. Thandaza njalo ekuseni ucele inhliziyo elalelayo. Khuleka ukuthi iNkosi ikwenze uzimisele ukwenza konke ekufunayo futhi izakusiza ukukufeza. Lokhu kwenza indingeko enhle.

**Johane 7:37**; *"Nxa ekhona owomileyo, akeze Kimi, azonatha."*

Lapha kuhambelana **lesifiso** sikaMoya oNgcwele. Nxa ungelaso isifiso, loba ucabanga ukuthi ulesincane kakhulu, khona-ke lapho sungasithandazela isifiso. Kuyisicelo ngokutsho kwentando kaNkulunkulu, esizaphendulwa masinya. Nxa sicela kuNkulunkulu wethu omangalisayo uzodala kithi "isifiso lokuphumelela". Singakhulekela isifiso sobuhlobo obuseduze loNkulunkulu, ukumthanda ngenhliziyo zethu zonke, ukumkhonza ngenjabulo, ukuba lesifiso esikhulayo ngoJesu kanye lokuza Kwakhe okuphangisayo lokuhlangana embusweni kaNkulunkulu, isifiso sokufunda izwi likaNkulunkulu lokufunda kulo, kanye lesifiso sokusiza lokuhlonyiselwa ukusiza ukuhlenga abalahlekileyo.

**Johane 7:38-39:** "*Okholwa Kimi, njengokutsho kombhalo, inhliziyo yakhe iyagobhoza imifula yamanzi aphilayo. Kodwa lokhu wakutsho ngoMoya lowo abakholwa Kuye bazawamukela."*

Nansi isimiso: **ukukholwa**! Siyabona lapha ukuthi ukholo lwethu kuJesu Kristu, ukuthembela kwethu kuNkulunkulu, kuyindingeko emqoka yokwamukela uMoya oNgcwele. Kodwa nxa sikhuleka ngezithembiso, khona-ke ukukholwa kubalula.

**Gal. 5:16**: "*Ngakho ngithi: Hambani ngoMoya, khona lingayikugcwalisa izinkanuko zenyama."*

Empeleni **silesithembiso** lapha, esivezwa njengomlayo. Lapho uNkulunkulu ufuna ngihambe ngoMoya, lokho kutsho ngokusobala ukuthi ufuna ukungigcwalisa ngoMoya oNgcwele. Futhi Uyasikhombisa lapha ukuthi uma sigcwaliswe ngoNgcwele uMoya, asiseyi kuhalelwa yizinkanuko zethu. UMoya oNgcwele uyephula mandla esono kithi (Roma 8:1-17, ikakhulukazi v. 2). NgoMoya oNgcwele "*izenzo zomzimba wethu"* ziyabulawa (Roma 8:13). Cabanga ngoPhawuli, owathi ngokwakhe: "*Ngifa nsuku zonke."* Kuyinto eqakatheke kakhulu

ukungabi semuseni wemisebenzi yomzimba (Gal. 5:18-21), kodwa ukukhulisa izithelo zikaMoya. ( Gal. 5:22 ).

Singaqhathanisa isono ngokungenelisu kwaso ukuhlasela izimpilo zethu lokuhlanganiswa kwezibonakude (binoculars). Ukuze kungabikhona uthuli olungena kumalensi indawo kufanele ibe lokuncindezela ngokudlulisileyo. Lokhu kutsho ukuthi umoya uya ngaphandle lapho umnyango uvulwa. Alukho uthuli olungangena. Ngendlela efanayo, lapho sigcwaliswa ngoNgcwele uMoya, *"ungagcwalisi inkanuko yenyama".* (Ulwazi olwengeziwe ngalesi isihloko lukulesi sihloko: *"Ingabe umuntu angahlala engokomoya na?"* Ekupheleni kwesahluko.)

**Efe. 3:16-17&19:** *"Ukuthi alinike ngokwenotho yenkazimulo Yakhe, ukuze liqiniswe ngamandla ngoMoya Wakhe kumuntu ongaphakathi; ukuze uKristu ahlale ezinhliziyweni zenu ngokukholwa; ukuthi lina, ligxilile njalo lisekelwe othandweni… ukuze ligcwaliswe ngakho konke ukugcwala kukaNkulunkulu."*

Mhlawumbe asiboni loba aphi amandla okwesikhathi eside. Kuyabe kungathi kunjalo emvelweni. Ebusika izihlahla zingelalutho kodwa ziphinde zibeluhlaza okotshani. Kulamandla amakhulu asebenzayo kulokhu kuvuselelwa. Kodwa asenelisi ukuwabona loba ukuwezwa. Kodwa sibona imiphumela. Kwakunjalo kimi. Ngiyambonga uNkulunkulu ukuthi uyangipha amandla amanengi kakhulu.

Esinye isibonelo: Sekungamashumi eminyaka ambalwa sisazi ukuthi sinemisinga kagetsi emizimbeni yethu. Ikhona. Kodwa thina asiyazi.

**Efe. 5:18:** *"...gcwaliswani ngoMoya"* loba *"zivumeleni njalo futhi ligcwaliswe kakutsha ngoMoya ngokuphindaphindiweyo".*[111]

**Imisebenzi 1:8:** *"Kepha liyakwamukeliswa amandla, lapho uMoya oNgcwele esefikile phezu kwakho; futhi liyakuba ngofakazi Bami…"*

Abafundi babethunywe ukuba balinde kuze kufike amandla. Abazange balinde bengenzi lutho. "Abafundi bathandaza ngokuqiniseka okukhulu becela ukufaneleka ukuhlangana labantu ekuhlanganyeleni kwabo kwansuku zonke ukukhuluma amazwi adonsela izoni kuKristu. Ukubeka ukwehlukaniswa eceleni, lesifiso sobukhulu, basondela ebudlelwaneni besiKristu."[124] Lathi njalo singathandaza ngalesi sithembiso.

[111] Johannes Mager, *Auf den Spuren des Heiligen Geistes,* (Lüneburg, 1999), Seite 101 [124] *Acts of the Apostles,* 37.1. egwwritings.org

**BATHINI ABAFUNDISI?** (INGXENYE 2)

**Ngayifinyelela ngokugcwele inkonzo yami**.

UNkulunkulu muhle kakhulu futhi usibusisile sonke kule ncwadi emangalisayo. Ngingumfundisi osewathatha umhlalaphansi. Lapho ngiqala ukufunda le ncwadi, yatshintsha impilo yami yonke. Sengiyifunde kane futhi ngaqhuba izingqungquthela ezintathu *zezinyathelo ZokuVuselela Umuntu*. Ngemva kochungechunge lwesibili lwezingqungquthela, ngaba lomuzwa wokuthi khathesi sengifinyelele inkonzo yami ephelele. P. J. 261118 ophuma ePapua New Guinea

**Steps etholakala ku- www.revivalandreformation.org ye-General Conference**

Ngabusiswa ngencwadi ethi *Steps to Personal Revival* kube yinto ethinta inhliziyo yami ukufunda le ncwadi. Ukuphila kwami kuye kwatshintsha, futhi ngemva kokuyifunda izikhathi ezinengana ngezinyanga ezintathu, ngiye ngayaba lawa mazwi okwamaviki amanengana. Ngiye ngadlulisela i-softcopy yencwadi kubo bonke abafundisi eMhlanganweni Wabafundisi BeConference [Amalunga angu-80,000]. Ngithole incwadi kusizindalwazi seMvuselelo kanye leNguquko yeNkomfa Jikelele. Bengifuna imicabango ebalulekileyo yomhlangano wemvuselelo. Lapho ngathola incwadi yesiSwahili futhi ngayisebenzisa emhlanganweni wokufundisa. Bekuyisikhathi esihle kimi. Ngithandazela ukuthi umlilo ofanayo ufinyelele kubo bonke abaholi labo bonke abafundisi kanye lawo wonke amalunga ebandla lethu. L. M. 08072019 waseTanzania/East Africa - wafinqezwa, #140 |

**Ngiyeke ukufunda ngoba bengicabanga ukuthi sengikwazi kahle. Ngangilephutha kakhulu.**

Ngidumisa iNkosi ngencwajana ethi **Izinyathelo ZokuVuselela Umuntu Siqu**. …Ngikhumbula nginikezwa le ncwajana ngoZibandlela, kodwa ngayeka ukufunda ngoba ngangicabanga ukuthi ngase ngikwazi kahle. Ngangilephutha kakhulu. Kwathi lapho ngifuna futhi ukubhabhadiswa nguMoya oNgcwele, emavikini amathathu noma amane adluleyo, omunye engisebenza laye wangithumela ikhophi ye-pdf yalencwajana. Ngajabula kakhulu ukuthi yafika, kuyilapho ngangiyidinga kakhulu. Ngenkathi ngifunda ngaguqa ngamadolo ngicela intethelelo eNkosini ngokuthi kungani ngizivumele ukuba nginganaki le ndawo

ebaluleke kakhulu yempilo yami.  Izolo, ngeSabatha, ngizile ukudla futhi ngathandaza futhi nganikela ngokuphila kwami futhi eNkosini ngamcela ukuba angisebenzise futhi angibonise ngokusobala inkonzo eqondileyo afuna ngimenzele Yona.  Umsebenzi wami udinga ukuthi ngihambele amazwe ahlukeneyo nyanga zonke… Ngikholwa ukuthi leli lithuba elihle kimi lokudlulisa lo mlayezo obaluleke kakhulu ngamandla kaMoya oNgcwele kubafowethu labodadewethu.  M. A. EE130518 from Philippines, #109

**Imicabango Yakho kanye Lengqubo Yokuxoxisana**

*1. Uma sifuna izithembiso emthandazweni, kungani silindela ukuba lomthandazo uphendulwe?*

_______________________________________________

_______________________________________________

*2. Ngithini kuNkulunkulu uma ngenze isithembiso emthandazweni futhi ngingalindele ukuthi sizaphendulwa?*

_______________________________________________

_______________________________________________

*3. Yiziphi izigaba ezimbili zezithembiso? Uyini umehluko phakathi kwala maqembu amabili?*

_______________________________________________

_______________________________________________

*4. Bhala izithembiso ezimbalwa eziphathelene loMoya oNgcwele:*

_______________________________________________

**Isikhathi Sethu Sokuthandaza**

• Thintana lomlingani wakho womkhuleko lixoxe ngesihloko.

• Thandaza lomlingani wakho womkhuleko …

1. ukuthi iNkosi ikugcwalise ngoMoya oNgcwele.

2. ukuze imikhuleko yakho iqiniswe ngokucela izithembiso.

3. Bonga uNkulunkulu ngokuthi izwi Lakhe alibuyi lingelalutho.

**AYIKHO IMPUMELA ENHLE...?**

"Insizwa ethile yayifuna ukwelulekwa, ngoba yayifuna ukugcwaliswa ngoNgcwele uMoya. Wayelwiswa okwangempela. Umfundisi wambuza: 'Ingabe usuyinikele ngokupheleleyo intando yakho kuNkulunkulu na?' 'Angicabangi ukuthi ngiyifakile ngokupheleleyo.' 'Hayike,' kutsho umfundisi. 'Khona-ke ngeke kusize ngalutho ukukhuleka [ukugcwaliswa ngoMoya oNgcwele], uze uyinikele ngokuphelela intando yakho kuNkulunkulu. Awufuni kunikela intando yakho kuNkulunkulu khathesi?' 'Angenelisi', ephendula. 'Ungabe uzimisele ukuba uNkulunkulu akwenzele lokho na?' 'Yebo', yena waphendula. 'Khona-ke mcele ukuba akwenze.' Wathandaza: 'O Nkulunkulu, ngikhulule kweyami intando. Ngilethe ekuzinikeleni okupheleleyo entandweni yakho. Ngibekele phansi intando yami. Ngiyathandazani egameni likaJesu.' Khona-ke umfundisi wabuza: 'Kungabe kwenzekile lokho na?' 'Kufanele ukuthi kube kwenzekile', etsho. 'Ngacela okuthile kuNkulunkulu ngokwentando yaKhe futhi ngiyazi ukuthi wangiphendula lokuthi senginakho engikuthandazelayo (1 Johane 5:14-15). Yebo, sekwenzekile - intando yami sibekwe phansi.' Khona-ke umfundisi wathi: 'Manje thandazela ukubhabhathizwa ngoMoya oNgcwele [ukugcwaliswa ngoMoya oNgcwele].' Wathandaza: 'O Nkulunkulu, ngibhabhathize khathesi ngoMoya waKho oNgcwele. Ngiyathandaza egameni likaJesu.' Futhi kwenzeka khonapho masinya lapho ebeka intando yakhe phansi."[112]

**UMEHLUKO OMKHULU NGAPHAMBILI LAMUVA**

Laloba ngangijayele ukukhuleka ngezithembiso okwesikhathi eside njalo ngikusebenzisa ezimweni ezikhethekile njalo ngithola izimpendulo ezimangalisayo emthandazweni, iminyaka eminengi ngangicabanga ukuthi kwakulungile ukuthi ngimane nje ngicele uMoya oNgcwele ngomthandazo ngingeyamanga ezithembisweni ezithile. Ngiyazi ukuthi abanengi balombono ofanayo. Angifuni ukutsho ukuthi kuyinto engungalunganga. Kodwa nxa ngikhangela emuva kwengahlangana lakho, ngiyazisola nje ukuthi ngathandaza ngale indlela kuphela kungela zithembiso. Sokuyiminyaka embalwa khathesi engikhuleka nsuku zonke khona ngezithembiso zikaMoya oNgcwele, ukuze ngemva komkhuleko wami ngibelesiqiniseko sokuthi khathesu sengigcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Ngengahlangana lakho ngoMfumfu 28, 2011, ngabona umehluko omkhulu empilweni yami: ngaphambilini futhi lamuva.

Selokhu ngaqala ukukhuleka ngilezithembiso ubudlelwano bami noNkulunkulu buye basondelelana kakhulu njalo uJesu usesondele kimi futhi usemkhulu kimi. Lowu ayisiwo nje umuzwa wokuzithoba; Ngingawuxhumanisa lezinto ezilandelayo:

- Lapho ngifunda iBhayibhili ngivame ukubalemiqondo emitsha njalo ekhuthazayo.

- Ekulweni lesilingo ngingahlala ngisinqoba.

[112] Reuben A. Torrey, *Der Heilige Geist – Sein Wesen und Wirken* (Frankfurt, 1966), p. 150

- Isikhathi Sami sokuthandaza sesibe ligugu kakhulu kimi futhi singilethela injabulo enkulu. -
  UNkulunkulu uyayiphendula imithandazo yami eminengi.

- Ngiba lenjabulo enkulu "*lesibindi*" esengeziweyo (Imisebenzi 4:31c ) sokutshela abanye ngoJesu.

- Sengijwayele ukudlelana labangane bami ngokwengeziweyo.

- Ngiphila ngenjabulo ngomusa kaNkulunkulu futhi ngizizwa ngilondekile esandleni Sakhe.

- Esigabeni esinzima iNkosi yangisekela ngendlela emangalisayo futhi yangiqinisa ngaphakathi.

- Ngabona ukuthi yiziphi izipho zomoya iNkosi eyayinginike zona.

- Ukusolwa kwama. Uma ngizwa abanye besola ngizizwa ngingakhululekanga.

Inguquko yenzeka ngokuthula. Ngayibona kuqala ngemva kokuchitha isikhathi nsuku zonke ngithandazela uMoya oNgcwele ngezithembiso zeBhayibhilini. Kusukela lapho ngihlangana lomunye umhlobo wobuKristu. Ngaphambilini, ukuphila kwami loNkulunkulu kwakuvame kakhulu ukusinda futhi kunzima; ngithola injabulo lamandla.

Ngiyaxolisa ngokulahlekelwa empilweni yami ngenxa yokungendli koNgcwele uMoya, ngokulahlekelwa okuphakathi komtshado wami lemuli kanye lokulahlekelwa kwamabandla engangikhonza kuwo njengomfundisi. Lapho nginanzelela lokhu ngacela intethelelo eNkosini.

Kuliqiniso kulokhu ukuthi ngeke siholele umuntu kude kulalapho esicina khona. Sifuna futhi ukukhumbula ukuthi inhlupho zomuntu ngamunye emulini lasebandleni kuyahlanganisa loba ukwengeza ngokuphindiweyo.

Ukuze abanye bangakhali ngamaphutha afanayo ezimpilweni zabo, ngifuna ukwengeza imicabango embalwa.

Ku-2 Petru 1:3-4 ithi ngobudlelwane obuseduze loJesu thina kungenzeka *"nge… ziithembiso ezinkulu leziligugu … ukuba ngabahlanganyeli bemvelo yobungcwele".*

Lokhu kutsho futhi ukuthi uMoya oNgcwele unikezwa kimi ngezithembiso. Ulakho ukuqathanisa izithembiso lamatshekhi asebhanga (bank cheques). Nxa siveza itshekhi esayiniweyo kusuka kumnikazi we-akhawunti, silakho ukukhipha imali ku-akhawunti yomunye umuntu. Njengabantwana bakaNkulunkulu (Johane 1:12) singazuza nsuku zonke ngamatshekhi (izithembiso) asayinwe nguJesu. Ngeke kusize ngalutho ukwethula amatshekhi ethu, loba ngabe besilawo amatshekhi ayenzwe ngumculi. Sidinga amatshekhi asayine evela kumphathi we-akhawunti.

Kulesinye isizatho, esingasikhuthaza ukuba sithandaze ngezithembiso. Kulamandla ezwini likaNkulunkulu. Kungani uJesu wathandaza esiphambanweni kathathu ngamazwi asuka kumaHubo? Kungani wazivikela futhi wakhipha uSathane ngamavesi eBhayibheli phakathi kwezilingo zikaSathane ehlane? ( Math. 4:4, 7, 10 ) Wathi: *"Umuntu uyaphila* ***ngawo wonke amazwi*** *aphuma emlonyeni kaNkulunkulu."*

UJesu, umdali, wakwazi ukuthi kulamandla ezwini likaNkulunkulu. "Kuyo yonke imiyalo futhi kuzo zonke izithembiso zezwi likaNkulunkulu kulamandla, yona kanye impilo kaNkulunkulu, ngawo umyalo ugcwaliseke njalo isithembiso sigcwaliseke."[113] Amazwi amahlle kanje! Amandla kaNkulunkulu kanye nempilo Yakhe kukhona kuzo zonke izithembiso. Lapho thina sithandaza ngezithembiso sisebenzisa izwi likaNkulunkulu emithandazweni yethu. Ithi ngezwi likaNkulunkulu: *"Liyakuba njalo izwi Lami eliphuma emlonyeni Wami; aliyikubuyela Kimi ngokuyize…"* (Isaya 55:11).

Ngihlela kuphela ukuthandazela uMoya oNgcwele ngezithembiso. Lapho ngithandaza ngezithembiso ngiyazi ukuthi emva kokuba sengicelile uMoya oNgcwele ngiyabe sengiwutholile ngokusuka esithembisweni esisezwini likaNkulunkulu ku-1 Johane 5:15 NKJV*: "Futhi uma sazi ukuthi uyasizwa, loba yini esiyicelayo,* ***siyazi ukuthi silazo izicelo esizicele Kuye."*** Lapho ngithandaza ngingela sithembiso, ngiyethemba ukuthi umthandazo wami uzakuphendulwa. Kungcono ukuthatha isikhathi somkhuleko ofana lalowu futhi ubelosuku olubusosekileyo, kunokukhonona ngokwehluleka lapho sokuhlwile.

Usuku 36

Ngathola i-imeyili, eyayibhalwe ngenjabulo enkulu: "Angizange ngicabange ukuthi kungenza umehluko omkhulu uma ngithandazela ukuhola kukaNkulunkulu usuku lonke 'ngamazwi ami' loba uma ngathandaza ngilezithembiso ezivela eBhayibhilini! Izithembiso bezilokhu ziqakatheke kakhulu kimi. Bengilokhu ngikholwa kuzo, kodwa ngehlulekile ukuzifuna nsuku zonke. Impilo yami loJesu isizuze isimo esijulileyo, esilentokozo eqinisekileyo, njalo elokubekeka. Ngiyambonga uNkulunkulu ngalokhu.[114]

Ngalesi sizathu, ngicabange ukwabelana ngesibonelo somkhuleko woMoya oNgcwele olezithembiso. Ngokwemvelo, ingafiphezwa. Kuqakathekile ukuthi sifunde ukuzikhulekela ngokwethu ngokuqondileyo okuvela ezwini likaNkulunkulu. Kodwa umqondo oqakathekileyo yikuthi ukholo lwethu luqiniswa yizithembiso ngendlela yokuthi emva kokuba sesikhulekile sibalesiqiniseko sokuthi sesiwutholile uMoya oNgcwele. Samukela uMoya oNgcwele singakholwa esikukhulekayo.

**UMFANEKISO WOMTHANDAZO OLEZITHEMBISO WOKUVUSELELA UMOYA ONGCWELE NSUKU ZONKE**

*Baba osezulwini, ngiza kuwe ngegama likaJesu uMsindisi wethu. Wena wathi:* ***Ngipha inhliziyo yakho****. (IzAga 23:26) Ngifuna ukwenza lokho khathesi ngokuziletha Kuwe namuhla ngakho konke engiyikho khona.*[115] *Ngiyabonga ukuthi vele usuwuphendulile lomkhuleko ngokwentando yaKho, ngoba izwi lakho lithi uma sikhuleka ngokwentando yaKho sibekwazi ukuthi sesiyamukele ( 1 Johane 5:15 ). Futhi ubuye wathi awusoze walahla muntu obuya kuwe (Johane 6:37).*

*UJesu wathi: "Ngakho-ke nxa lina elibabi likwazi ukupha abantwana benu izipho ezinhle , kakhulu kangakanani uYihlo osezulwini uzakupha uMoya oNgcwele kulabo abacela Kuye." ( Luka 11:13 ) abakholwa Kuwe( Johane 7:38-39 ), abakulalelayo ( Imisebenzi 5:32 ), abazivumela ukuba benziwe batsha ngoMoya oNgcwele ( Efe. 5:18 ) nabahamba emoyeni. ( Gal. 5:16 ). Lesi yisifiso sami. Ngicela ukufeze lokhu kimi. Ngicela ukuphumelelise lokhu. Ngicela ngobuqotho kuwe Baba ukuthi ungiphe uMoya oNgcwele namuhla.*

*Njengoba kuyisicelo esingokwentando yaKho, ngiyakubonga ukuthi sungiphile uMoya oNgcwele khathesi (1 Johane 5:15). Ngiyabonga ngokuthi ngilutholile uthando Lwakho*

[113] E.G. White, *Christ's Object Lessons* (1900), p. 38.2

[114] Email to H. Haubeil C.S.

[115] E.G. White, *The Desire of Ages* (1898), p. 523.1

*olungcwele ngesikhathi esifanayo, ngoba izwi Lakho lithi: "Uthando lukaNkulunkulu lutheliwe ezinhliziyweni zethu ngoMoya oNgcwele." ( Rom. 5:5; Efe. 3:17 ) Ngifuna ukutsho kanye lomhubi: "Ngizakukuthanda, Jehova, mandla ami." ( IHubo 18:1 ) Ngiyabonga ukuthi ngiyanelida ukuthanda abantu bami ngothando lwaKho.*

*Ngiyabonga ukuthi ngamandla oMoya oNgcwele amandla esono ayephuliwe kimi ( Roma 8:13, Gal. 5:16 ). Ngicela ungisindise futhi ungivikele namuhla esonweni lasemhlabeni, ngiphe isivikelo ezingelosini eziwileyo, ngisindise kuzo izilingo futhi lapho kudingekile unguhluthune futhi ungisindise esimweni sami esidala esikhohlakeleyo. ( 1 Johane 5:18 ) Futhi ngicela ungisize ngibe ngufakazi Wakho ngezwi langezenzo (Imisebenzi 1:8). ngiyadumisa Wena futhi ngiyabonga ngokuzwa umkhuleko wami. Amen.*

UJesu ngokwakhe ufuna ukuhlala kithi ngoMoya oNgcwele (1 Johane 3:24; Johane 14:23). E.G. White wathi: "Amandla kaMoya oNgcwele ayimpilo kaKristu phakathi komphefumulo."[116] Amandla aguqula uPetru, uPhawuli labanye abantu abanengi lawo lokhe etholakala kithi. Uyasinika futhi "ukuthi Akunike, ngokwenotho yenkazimulo Yakhe, liqiniswe ngamandla ngoMoya Wakhe kumuntu ongaphakathi." ( Efe. 3:16 )

Ukugcwaliswa ngoMoya oNgcwele kuyisihluthulelo sempilo yokukholwa enjabulweni, emandleni, othandweni lokunqoba isono. "*... lapho uMoya weNkosi ekhona, kukhona inkululeko."* 2 Kor. 3:17b

Kumlayezo engawamukelayo kwakulalokhu okulandelayo: "Amalunga ebandla amanengi nsuku zonke athandaza umthandazo okhuthazwayo ngababili. Sekuphele izinyanga ezinhlanu ngiwuthandaza lentombi yami. Hatshi nje kuphela ukuthi yonke into iqhubekela phambili kuhle empilweni, kodwa futhi ekhaya, ebudlelwaneni, emtshadweni, ngokomoya lasebandleni - hatshingendlela ebangela izingxabano ezinkulu, kodwa lokhu kwenzeka ngendlela ethuleyo, engokwemvelo. Singabamangeleyo njalo sibona lokhu njengengqubo kaNkulunkulu yokucacisa, engenza ukuphila kube lula ngezinye indlela, njengoba sisizwa ukusondelana kukaNkulunkulu kakhulu kithi."[117]

Usuku 37

## UMUNTU ENGAHLALA ENGOKOMOYA NA?

Yebo! Lapho singavumeli isimo sengqondo sokungakholwa sikhule njalo siphefumule ngokomoya: *"ukukhipha umoya"* ngokuvuma izono zethu "*lokuphefumula*" ngokusebenzisa uthando lukaNkulunkulu kanye lokuthethelela kanye nokuvuselela umthandazo wethu wokukholwa ukuze ugcwaliswe ngawo uMoya oNgcwele.[118]

Kufana lobudlelwano ebantwaneni bethu. Lapho umntwana engalaleli, uhlala engumntanethu. Kodwa sizwa ukuphazamiseka ebudlelwaneni. Umntwana angeke ayanelise ukusikhangela emehlweni. Lokhu kuphazamiseka kulungiswa ngokuvuma.

Kodwa umuntu ngokwemvelo engabangowomhlaba futhi ngokuhamba kwesikhathi.

---

[116] Editor Francis D. Nichol, *Adventist Bible Commentary* Vol. 6 (Hagerstown, 1980), p. 1112

[117] Email to Helmut Haubeil: E.S.

[118] Helmut Haubeil & Gerhard Padderatz, *Gott, Geld & Glaube* (Eckental, 2009), p. 97

IBhayibhili alikhulumi ngokuthi "uma ususindisiwe, suhlezi usindisiwe njalo". Imvelo yethu elesono lokhe isekhona. “Akekho kubaphostoli nababprofethi owake watsho ukuthi akalasono.”[119]

Kodwa ngempilo eloMoya oNgcwele kanye loJesu ezinhliziyweni zethu amandla esono ayephuka ukuze siphile impilo yobuKristu ejabulisayo leqinileyo. Ukulunga kwethu kukuJesu Kristu kuphela *“... owaba yikuhlakanipha kwethu okuvela kuNkulunkulu – kanye lokulunga, lokungcweliswa, lokuhlengwa”* (1 Kor.1:30). Lesi sihloko esiqakathekileyo sizakhangelwa kabanzi maduzane.

Nxa sesibe ngabenyama njalo ngokungazinaki okude kwempilo yakomoya kumbe ukwehluleka ukuphefumula ngokwakomoya, lapho ke singazi ukuthi uMhlengi olomusa usilindile.

Kuqakathekile ukuthi sazi indlela esingavuselelwa ngayo ngomusa kaNkulunkulu njalo sithembe ukuba lempilo yakomoya ngokungapheliyo. Akula odinga ukuthi ahlale engowomhlaba. Kodwa khumbula kabili ngokomuntu ngqo langokujayelekileyo okatshiwo nguRandy Maxwell owathi: "ucabanga ukuthi ukuvuselelwa kwebandla likaNkulunkulu lisuka phose ekufeni kwakomoya kungenziwa kungela kuzama okuthile na?"[120]

Impilo enengi njalo engapheliyo lapha, ukusindiswa kwabanengi lokubonga ukuzinikela kukaJesu kudingelekile. Okuqakatheke kakhulu yikuhlangana leNkosi ekuseni enkonzweni. Kulapho asipha khona amandla.

**Sibala okulandelayo ngompostoli uJohane:**

“Nsuku ngensuku inhliziyo yakhe yayisondela kuKristu, aze afike ekulahlekelweni yibumina esenzela iNkosi yakhe. Umuzwa wakhe wenkani, lokulangathelela wabunjwa emandleni kaKristu. Amandla okufinyelela awoMoya oNgcwele abumba kakutsha inhliziyo yakhe. Amandla awothando lukaKristu aletha inguquko yesimilo. Le yiyo impumela eqinisekileyo yokubambana loJesu. Nxa uKristu engena enhliziyweni, imvelo yonke iyaguquka."[121]

*"Vula amehlo ami, ukuze ngibone izinto ezimangalisayo emthethweni Wakho."* (Mahubo 119:18). Ngiyabonga ngokungithungamela njalo ngingatsho lokhu: *"ngiyadumisa elizwini Lakho njengalowo ofumana inotho enkulu."* (Mahubo 119:162)

*Amabutho angabonakaliyo awokukhanya*

*Lamandla ahlanganyela abamnene labazehlisayo*

*Abakholwayo njalo abeyama ezithembisweni zikaNkulunkulu.*

*Ellen White. Christ's Object Lessons. p.176*

---

119 E.G. White, *The Acts of the Apostles* (1911), p. 561.1

120 Randy Maxwell, *If My People Pray* (Pacific Press,1995), p. 158

121 E.G. White, *Steps to Christ* (1892), p. 73.1

**Imicabango Yakho kanye Lengqubo Yezingxoxo**

Ngiyakumema ukuthi uphrinte isibonelo somkhuleko. Yibeke lapho ulenkonzo yakho yasekuseni. Ekuqaleni, kungase kuzwakale kungavamile ukuthandaza umthandazo obhaliweyo. Funda umthandazo, khuleka umkhuleko futhi ngesikhatshana nje kuzaba ngokwemvelo kuwe.

*1. Kungani kungadingeki ukuthi sibe lokungabaza mayelana lokusebenzisa umthandazo obhaliweyo?*

---

*2. Iyini imiphumela yokucela izithembiso emthandazweni?*

---

*3. Umqondo: funda iziqephu ezimbili ezibalulekileyo zokufuna izithembiso emthandazweni ezinguqulweni ezihlukeneyo zeBhayibheli. (1 Johane 5:14.15 neyesi-2 Petru 1:3.4)*

*4. Kungani kuzuzisa nsuku zonke ukuzibeka ngaphansi kwesivikelo sikaNkulunkulu?*

---

*5. Singahlala njani singamaKristu akomoya?*

---

**Isikhathi Sethu Sokuthandaza**

• Xhumana lomlingani wakho womkhuleko lixoxe ngesihloko.

• Thandaza lomlingani wakho womkhuleko …

1. ukuthi iNkosi izosigcwalisa ngoMoya wayo oNgcwele namuhla.

2. ukuthi nsuku zonke sizibeka ngaphansi kwesivikelo esikhethekileyo sikaNkulunkulu.

3. ukuthi sihlale singamaKristu angokomoya angaguquki.

ISAHLUKO 6

# YIZIPHI IZINTO EZISILINDELEYO?

## *Okuhlanganwa lakho ngumuntu, kanye lokuhlanganwa lakho emabandleni, kungqungquthela kanye laku-union*

### OKWAHLANGANWA LAKHO NGUMFOWETHU

"Eminyakeni emibili edluleyo bengithandazela ukuthululwa koMoya oNgcwele nsuku zonke empilweni yami. Isicelo sami siyikuba kanjalo uJesu aphile kimi ngokupheleleyo usuku ngosuku. Ukuhamba kwami loNkulunkulu [phakathi kwalesi sikhathi] bekumangalisa. Isithelo sikaMoya kwabaseGalathiya 5 sesibonakala kakhulu empilweni yami kusukela ngacela uJesu ukuba aphile kimi, enze intando Yakhe kimi, angivuselele nsuku zonke ngoMoya oNgcwele. Ngiba lenjabulo enkulu ekufundeni iBhayibhili, ukwabelana ngoKristu labanye kanye lami sengibe lesifiso esilamandla sokuthandazela abanye; ngaphezu kwalokho, indlela yami yokuphila isiguqukile okumangalisayo. Konke lokhu ngikubona njengesiqinisekiso sokudinga kwami kwansuku zonke uNkulunkulu lokucela kwami nsuku zonke uMoya oNgcwele." C.H. Waba eseqhubeka:

***"Ngikutshiyela inselelo ukuthi uthandaze nsuku zonke ukuze ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele okwamaviki ayisithupha ubesubona ukuthi kwenzekani."***

### UBUFAKAZI BUKA-DWIGHT NELSON UQOBO LWAKHE

Sifuna ukwaba ubufakazi. Buvela kuDwight Nelson, uMfundisi omkhulu wePioneer Memorial Church ese-Andrews University. Uhlangothi lwezomthandazo olweGeneral Conference lwathumela incwadi yomthandazo kuma-subscribers.

**Indlela u-Steps to Personal Revival Ayiguqula Ngayo Impilo Yami**

"Angikaze ngalindela ukuthi lencwajana izatshintsha njani impilo yami—indlela engithandaza ngayo, engitshumayela ngayo, engiphatha ngayo abanye abantu—itshintshe inkonzo yami. Kuyo yonke iminyaka yami yokufunda, ukutshumayela lokufundisa akekho owake wangitshela ukuthi iBhayibheli kanye lo-Ellen White bayasibiza ukuthi sithandazele nsuku zonke umbhapathizo omutsha kaMoya oNgcwele. Njengomfundisi bengingasebenza njani futhi ngitshumayele isikhathi eside kangaka ngingafundanga ngeqiniso elibaluleke kangaka!

Kodwa yilokho kanye incwadi kaHelmut Haubeil eyangifundisa khona ethi Steps to Personal Revival. Lapho ngifika ekhaya, ngase ngiyifundile le ncwadi. Kuze kube khathesi le ncwadi sengiyifunde izikhathi ezine futhi impilo yami isitshintshile. Buza umkami lamalunga ebandla lami! Iminyaka eminengi ngibambe izintshumayelo zokwamukela uMoya oNgcwele futhi ngibambe uchungechunge ngalesi sihloko esibalulekileyo. Kodwa khathesi sengithole indlela yokuhlangana loJesu njalo ekuseni lokwenza lokho uJesu akwenza njengomuntu: Wathandazela umbhapathizo omutsha woMoya Wakhe.

Ngokuzithoba ngiyavuma ukuthi uNkulunkulu ubeke izinga eliphezulu empilweni yami yokuthandaza. Ngaso sonke isikhathi ngangichitha isikhathi esinengi ngifunda iBhayibheli, kodwa isikhathi esincane kakhulu sokuthandaza. Khathesi sokuphambene. Ngichitha isikhathi esinengi ngikhuleka “ngizivalele” lami ngiguqe ngamadolo ngikhuluma loNkulunkulu futhi yilapho kuphela lapho engithatha khona iZwi laKhe ukuze akhulume Lami. Izintshumayelo zami zithole inkululeko lomfutho omutsha. Ubuholi bami eqenjini lami lasebandleni bukhuphukele phezulu. Kungezelelwe, ngihlangabezana “lokuhlangana” okwengeziweyo (ngezinye izikhathi okubizwa ngokuthi ukuvumelanisa). Kufana lokuthi othile uhlela izinsuku zami lobusuku, imihlangano yami “eyenzeke ngengozi”, ama-imeyili lezingxoxo. Kusengathi uMoya oNgcwele uqondisa mathupha izikhathi zami zokulala (ngitsho ngamahola ami okulala). Ngiye ngamazi ngempela uNkulunkulu njengomngane wami siqu lothandekayo ngempela.

Kungani ngikutshela lokhu? Angizuzi lutho kukho. Kodwa ngiqiniseka ngobuqotho ukuthi uzazuza kukho. UJesu uyeza masinyane. Kusafanele sifinyelele emhlabeni, isizukulwane sonke esilevangeli laphakade. Asisoze sawufeza lo msebenzi sisodwa. Singaba lethemba lokuthi sizafunda lokho uJesu ayekwazi, senze lokho uPawulu labafundi bokuqala abakwenzayo. Sidinga ukubhabhadizwa ngoMoya oNgcwele NSUKU ZONKE empilweni yethu lasenkonzweni yethu. Futhi sizakwamukela kuphela, lapho sikucela ngokuthobeka nsuku zonke. Angazi ukuthi ungubani, kodwa ngiyakuthandazela njengoba ngibhala lokhu. Sithola isibusiso esithenjisiweyo lapho sisicela. UJesu wathembisa: “Ngakho-ke uma lina elibabi likwazi ukubapha abantwana benu izipho ezinhle, kakhulu kangakanani uYihlo osezulwini uzakubapha uMoya oNgcwele abawucela kuye! (Luka 11:13 NKJV) Awufuni futhi ukucela uMoya oNgcwele nsuku zonke?

## IZINSUKU EZINGU-40 ZOMTHANDAZO ESERBIA

"NgoMpandula 2010, sahumusha futhi sanyathelisa incwadi ethi *40 Days: Prayers ad Devotions to Prepare for the Second Coming.* Senze yatholakala kuwo wonke amalunga awebandla enhlanganweni yethu. Sabe sesihlela imihlangano yomkhuleko yamaviki wonke leyansuku zonke phakathi nezinsuku ezingu-40 ezalandelayo emabandleni asendaweni lasemakhaya amalunga, lapho abantu bazila khona ukudla bethandazela ukuthululwa kakutsha kukaMoya oNgcwele.

Kwathi kusenzakala lokhu, umumo omutsha waqala ukubakhona phakathi kwamabandla aseduzane. Amalunga ayengaphatheki sephatheka njalo sehalela ukuphathisa abanye. Labo ababesilwa labanye okweminyaka eminengi bebanga okutshiyeneyo (sebengasakhulumisani), babuyisana, baqala ukuhlela ukufinyelela isigaba bebonke.

Kwathi ngoMfumfu ka2010, phakathi kweAnnual Council, "iNyathelo Lokuvuselela Lokubumba Kutsha" (Revival and Reformation Initiative) lasungulwa. Salamukela ngenjabulo, sibona njengokuqhubekela phambili kwalokho uNkulunkulu ayevele sekuqalile kunhlanganiso yethu.

Sesibone ukukhonza ndawonye, ukubambana okukhulu lokuzwisisa okuhambelanayo phakathi kwabaphathi benyunyana okuyimpumela yamasinya yemihlangano yemithandazo.[122]

## INSUKU EZINGU-40 ZOKUKHULEKA E-ZURICH/ SWITZERLAND

Umfundisi wethu lami sayamukela munye ngamunye siyehlukene ugwalo, olwalulezinto ezasithathekisayo. Lilesihloko esithi: *40 Days: Prayers ad Devotions to Prepare for the Second Coming* elalotshwa nguDennis Smith, Review and Herald Publishing Association. Ugwalo lolu alubaleki nje ubesuphosela ecelenim okwakuphakathi kwaguqula impilo yami.

Kusukela ibandla lethu eleZurich-Wolfswinkel (elilamalunga adlula ikhulu) lezwa kulendingeko yemvuselelo lomthandazo, sahlela umthandazo wensuku eziyi-40 lapho kuphela umnyaka ka2011. Ugwalo lwapha ulwazi olucacayo ngalokhu njalo ukwengeza, kwabalenkonzo ezaziyi40 ezipheleleyo nsuku zonke.

Izihloko zihambelana lokugcwaliswa nguMoya oNgcwele, umthandazo, ukutshumayela, impilo kaJesu lokukhonza kwakomoya. Ngakho saqala insuku zethu ezingu40 ngenyanga kaMfumfu 1, 2011 lokulangathelela okukhulu lokukhangelela. Inhlanhla yikuthi amalunga ebandla amanengi aphatheka kulokhu. Amalunga wokukhuleka ayehlangana nsuku zonke ekhuleka, imilayezo yayithunyelwa nsuku zonke njalo abantu babekhuleka ngabomakhalekhukhwini nsuku zonke. Iqembu linye lalihlangana ekuseni konke ngo6 ekuseni ukuze bakhonze njalo bakhuleke.

Insuku zethu ezingu40 zaziphethe izinto ezazingakhohlwekiyo. UNkulunkulu waphendula imthandazo yethu eminengi, ikakhulu eyayiqondane lezifundo zesiphrofethi seBhayibhili, okwakusenzakala ngesikhathi esifanayo. Izifundo lezi zaziyisibusiso esikhulu. Sasilezethekeli ezinengi njalo abantu abangamatshumi amabili babhalisela isifundo sobuphorofitha

[122] M. Trajkovska, Southern European Union, Belgrade, quoted in *www.revivalandreformation.org*

bebhayibhili. (Okwalandela ngoMbimbitho ka2013: kwabuya izethekeli ezifika 50 zisiya ku60, okungakaze kwenzakale eZurich kuminyaka engu20 edluleyo.)

UMoya kaNkulunkulu usuwenze inguquko esaqhubeka ebandleni lethu njalo kuyinjabulo ukubona ukuthi amaqenjana akhula njani njalo lokuthi amalunga awebandla, abazimisele ukunikeza izifundo zeBhayibheli, athola abantu abathakazelelayo. Abaphathekayo khathesi balesifiso esijulileyo sokuqhubeka komsebenzi kaMoya kaNkulunkulu. Sifuna ukumbonga ngezinhliziyo zethu zonke futhi simdumise." NguBéatrice Egger, osuka ebandleni lamaAdventist eZurich-Wolfswinkel.

## IZINSUKU EZINGU-40 ZOKUTHANDAZA LOKUVANGELA

## E-COLOGNE / EGERMANY

Umfundisi uJoao Lotze ungumJalimane-waseBrazil. Wasebenza iminyaka engu-38 emabandleni lezibhedlela eBrazil, kanye le-union kanye leSouth American Division. Yena waphumula umsebenzi ngo-March 2012. Yena nomkakhe bavumelana ukuza eCologne beyi "His Hands Missionaries" njalo basenenza emabandleni akhuluma isiPutukezi leSpanish.

"Saqala eCologne lamaqembu amancane okunakekela ukuze sikhuthaze amalunga ebandla lokunxusa izethekeli. Ngokusekelwe ngolwazi lwethu lweBrazil, saphatha uhleli lwe40-Days zomkhuleko eCologne. Izinto zokusebenzisa zazitholakala ngesiPhuthukezi.

Amabandla alamalunga akhuluma isiPutukezi, iSpanishi nesiJalimane aqala ngenjabulo Izinsuku ezingama-40 zoMkhuleko. Sasithandazela abangani abayikhulu labantu esasibajwayeleyo nsuku zonke. Amagama alaba bantu ayebhalwe ebhodini elimnyama ebandleni. Hhayi saze safika osukwini lwesig30 kusiya ku-35 lomkhuleko sabazisa laba bantu ukuthi sasibathandazela futhi ngesikhathi esifanayo sibanxusela ekuphatheni kweSabatha okuqondane lezethekeli. Isevisi. Abantu abangu-120 beza kule nkonzo yebandla eqakathekileyo. UChristian Badorrek, umqondisi wePersonal Ministries yaseNordrheinWestfalen, wayebambe intshumayelo. Ezinye zezethekeli zakhala zibona amabizo azo emabhodini.

Ngemva kwalokho, u-Antonio Goncalves, umvangeli waseBrazil, wabamba inkonzo zevangeli izinsuku ezingu-15. Njalo kusihlwa wayekhuluma ihola lengxenye (ehumutshelwa). Isihloko senkoni lezi sasisithi: 'Vumela iBhayibheli Likumangaze'. Izihloko zaziphathelene lokuza kwesibili, kanye lezihloko ezivela kuDaniyeli lakuSambulo. Izinkulumo lezingoma zahunyutshelwa olimini lwesiPutukezi zisiwa kusiJalimane. Kwakukhona amaqula okuhlabelela amancane futhi lezingoma ezinhle nxa kusihlwa. Njalo kusihlwa kuvalwe ngobizo lwe-althare. Siyabonga ngakho ukusabela okuhle. Amalunga ebandla akhuleka kakhulu, ikakhulukazi abazalwane abasuka ezinsukwini ezingu-40 zoMkhuleko.

Ithempeli lethu lingena abantu abangu-80. Kodwa kwafika abantu abangaphezu kwekhulu. Ngempelaviki ibandla laligcwele futhi phakathi kwevimi babebalelwa ku-60 abantu. Izethekeli ezingu-32 zazisiba khona njalo. Lokhu kwaholela ekubhapathizweni kwabantu abayi-8 kuthi abangu-14 bahlanganyela iqula elalilungele umbhabhathizo. Ekupheleni komnyaka kwabhabhathizwa abantu abangu-13.

Sibe nokuhlangenwe lakho okunengi okumangalisayo. Kwakunzima ukuthola ohumutshayo. Umbalisi ongumKatolika wacela ukusiza. Kodwa wayengelalo ulwazi olunengi ngeBhayibhili. Sabe sesithandazela umhumutshi ongumhlamuki. Ngokuphangisa emva

kwalokho, saqala ukwazana lentombi ethile endaweni yokudlela, eyachaza ukuthi yahumutsha ngenkulu intokozo kusuka kusiPutukezi kusiya kusiJalimane ebandleni lesiPentekhosti. Wabangumhumutshi wethu kunkonzo zevangeli njalo laye wabhabhathizwa.

UMaria, umhumushi, wabuza ukuthi anganxusa yini umngane wakhe u-Elisabeth ukuba eze. Ungumthungameli webandla elincane laseColumbian eliseCologne elinamalunga angu-13. Yena wabuya lamalunga ebandla lakhe kanye laye. Kusukela lapho ababili babantu labo sebabhabhathizwa. U-Elisabeth lemuli yakhe khathesi bathola izifundo zeBhayibhili.

Okunye okwenziwayo kuxhumene le-Hope Channel. Owesifazane waseJalimane watholela iHope Channel ngokungahlelwanga futhi wahlabeka umxhwele ngalokho ayekuzwile, kugoqela lalokho okwatshiwoyo phezu kweSabatha. Wacela umyeni wakhe ukuba alalele laye. Wayijabulela imilayezo leyi. Ngelinye ilanga bemvakashele umama wakhe, bahlabeka umxhwele ukuthi batshayele besebenzisa eyinye indlela. Endleleni bona wabona uphawu lweBandla lamaSeventh-Day Adventist. Babona ukuthi bangama-Adventist avela kuHope Channel. NgeSabatha waya enkonzweni. Khona-ke wanxusa umyeni wakhe kanye lomama wakhe ukuba bahambe laye. Kusukela lapho bobathathu sebabhabhathizwa.

Okunye okuhlangenwe lakho kuhlanganisela udade ongumRashiya waseJalimane. Waphatheka ku-40 Days zomthandazo njalo waqala ukuthandazela omakhelwane bakhe abakhuluma isiRashiya. Wathi etshela omunye wabomakhelwane bakhe ukuthi uyamthandazela, umakhelwane wamangala kakhulu njalo wathi wayedinga ibandla eligcina iSabatha eliseBhayibhilini. Yena labanye omakhelwane beza enkonzweni zevangeli. Ababili babo sebebhabhathiziwe.

Okunye okuhlangenwe lakho kuhlanganisela owesifazane obizwa ngokuthi nguJeanne. Wayekade elilunga lebandla lamaBaptist eBrazil futhi manje wayesedinga eCologne ibandla elikhuluma isiPutukezi. Waxhumana lebandla lama-Adventist, wathola izifundo zeBhayibhili futhi wabhabhathizwa. Ngemva kokuguquka kwakhe wabiza izihlobo zakhe eBrazil futhi watshela umalume wakhe, ongum-Adventist, ukuthi laye useyi-Adventist manje. Kwaba yisimanga esikhulu kunina, izelamani zakhe kanye lebandla lamaBaptist eBrazil, ayekade elilunga kulo. Imuli yakhe eBrazil kamuva bavakashela ibandla lama-Adventist ukuze baziswe ngeSabatha. Lokhu kupheth ngabantu abahlanu ababhabhathizwayo eBrazil: unina, odadewabo ababili lezinye izihlobo. Khathesi uthandazela ukuguqulwa komunye udadewabo ohlala khona e-Argentina. Ufuna ukuba labo embusweni kaNkulunkulu.

Ngokuhola kukaNkulunkulu sibe lokunye okunengi okwenzakalayo. Embhabhathizweni wokuqala kwabhabhathizwa abantu abayisishiyagalombili - oyedwa e-Italy, eJalimane, ePeru, eBrazil, Ukraine, Venezuela, Columbia kanye leRussia.

Ekwindla saphinde sabalenkonzo zevangeli ezaziqondane lezinsuku ezingu-40 zokukhuleka. UJimmy Cardoso lomkakhe, abadabuka eBrazil, kodwa manje bahlala e-USA, wayephethe inkonzo zevangeli. Laloba inkonzo lezi zathatha kuphela iviki eyodwa, sakwazi ukubhabhathiza abantu abane abathandekayo ekupheleni. Kade baba lezifundo zeBhayibheli zangaphambili. Kwakukhona amaJalimane amathathu kanye lowe-Italy oyedwa.

Kokubili ukubhabhathiza lokhu kwenziwa ebandleni elikhulu laseCologne, elilamalunga angu400 kanye nendawo enhle yokubhabhathizela.

Siyambonga uNkulunkulu ukuthi wasimangalisa ngendlela enkulu kangaka. Ngiqinisekile ukuthi usasigcinele okunengi okusilindeleyo. Sicela lisigcine emithandazweni yenu." NguJoão Lotze, Cologne, Germany

***I-Vital Intercession:*** "Ngiqale ngayifunda lonke ugwalo[lwe-40-Days]. Kusukela ekhasini lokuqala kusiyaphambili ngithathekile kakhulu. Akufanelanga sithandazele umuntu kuphela, kodwa futhi sibanakekele ngothando. Lokhu kwenza ukuncengela kuphile. Ngokusweleka kwenhlanhla, ngangingakaze ngikubone ukuncenga ngale indlela ngaphambilini. Ukuphila ngokukholwa kwakho!

Ngiyaqiniseka ukuthi kuqakathekile ngendlela efanayo kumuntu othandazayo, njengokunjalo kumuntu okhulekelwayo. Ngokufanayo, kwangiqinisekisa kwasekuqaleni ukuthi ubudlelwano ebandleni buqiniswe. O, ngethemba ukuthi lokho ukuhlanganyela kuzakwenzeka njengalokho kuchazwe ezahlukweni zokugcina zogwalo. Eqinisweni, ngacina ngikhala, ngoba kade ngalangazelela ukuhlanganyela okunjalo. Ngiyaqiniseka ukuthi ugwalo oluthi 'Christ in me' luyasikhulisa futhi luyasikhulula kokwethu okufeziweyo. Sengifunde izingwalo ezimbalwa ezikhuluma ngo 'Christ in me', kodwa lolu gwalo kubonakala lilusizo kakhulu. Ngikholwa ukuthi impilo yakho yomkhuleko izaqiniswa yilolu gwalo, ukuthi ubudlelwano ebandleni buyagcinwa lokuthi ukuncengela kuyaphila kakhulu. Le ncwadi inginika ithemba ngokwami, ngebandla kanye lomhlaba. Ngiyambonga uNkulunkulu ngalolugwalo. Okulandelayo, ngihlela ukufunda i-40-Day incwadi yokuqondisa, ngiyikhulekele besengiyisa loba ngaphi lapho uNkulunkulu angibonisa khona."

***Ngemva kwamaviki ambalwa*** ngathola enye i-imeyili evela kulo dade. "Njengoba lisazi ngavele ngalufunda lonke ugwalo ekuqaleni. Kodwa selokhu ngaqala ukufunda izinkolo lomunye wami womkhuleko ngithole ukuthi kuqakatheke kakhulu ukwedlula engangikucabanga ekuqaleni. Ngithole izimpendulo zezinto ebengingakwazi ukuzenza ngedwa. Ngibonga uNkulunkulu ngomunye wami womkhuleko, obambe ophatheke ngokujulileyo langenkuthalo." H.K.

***Angisela siqiniseko:*** "Ugwadlwana oluthi Steps to Personal Revival lwanguthinta ngendlela emangalisayo. … Njengoba ngizalelwe emulini yama-Adventist ngangikholelwa ukuthi ngangithatha indlela eqondileyo. Isahluko sezintombi ezilitshumi futhi ikakhulukazi kwabaseRoma 8:9b: *"Manje loba ngubani ongelawo uMoya kaKristu, akayena owakhe"* kwangethusa ngempela. Ngangingasenaso isiqiniseko sokuthi ngilawo Moya oNgcwele loba ngabe Usebenza kimi, ngoba ngangizikhumbula kakhulu 'izithelo' ezihambisanayo ekuphileni kwami. Leli Sabatha ntambama ngaqeda ukufunda ugwalo lolu njalo lokudabuka okujulileyo nokungela kulinganiswa kweza phezu kwami. Ngabe sengifunda umthandazo osekucineni kwencwadi kanye lesifiso esijulileyo kwavuka phakathi kwami ukwamukela uMoya oNgcwele, ukumvumela ukuthi aguqule inhliziyo yami nalokho uNkulunkulu wayezongibumba ngokwentando Yakhe. … A.P. ***Mazi YENA***: "Esikhathini esidlule ngafunda indatshana yenu ekhuluma ngemvuselelo. Sokuphele iminyaka emithathu ngiphitsheka ngalesi sihloko. Manje, ngisanda kuqala ukufunda Amanyathelo Womuntu Siqu. Ngingathi AMEN kukho! Ngiyajabula ukuthi kula makhasi ngithole eminengi yemicabango 'yami'. Ngilomuzwa wokuthi ebandleni lethu sisalele nje ukufinyelel igolu ngama-intshi. Angenelisi kukhipha umuzwa wokuthi silahlekelwe yikubona okuqakathekileyo! Ngemvama, kuhlobene lalokhu ukuthi 'kuyini iqiniso', 'kufanele siphile njani' loba 'siqakatheke njani isiphrofethi', futhi angitsho ukuthi lokhu akulunganga. Kodwa asiboni ukuthi KUNGANI uNkulunkulu esinika lezi zinto! Ingabe iqiniso lihlose ukuhlanganyela okupheleleyo loNkulunkulu? Kulalokho, akufanelanga yini lezi zindawo zisisize ukuba sazi uNkulunkulu

NGEMPELA? Ayisiyo inhloso yesiphrofethi sokuthi sivuma ubukhulu bukaNkulunkulu kanye lokuba namandla onke, ukuthi siyaqonda ukuthi uphethe umhlaba wonke esandleni Sakhe futhi uyawuqondisa futhi ukuthi ngendlela efanayo Angahola njalo alolonge izimpilo zethu? Kuyini ukuphila okuphakade? UJohane 17:3; *Futhi lokhu kuyikuphila okuphakade, ukuba BAZI Wena owukuphela kukaNkulunkulu weqiniso, futhi uJesu Kristu omthumileyo.'*

Emfanekisweni, umyeni umane athi ku izintombi ezinhlanu eziyiziwula: *'Anginazi*.' Injongo yokholo lwethu yikwazi nje uNkulunkulu, ukuze sibe lenhlanganyelo LAYE, ukuze YENA asigcwalise njengoba wagcwalisa ithempeli ngaleso sikhathi ( 2 IziKr. 5:13-14 ). Futhi lapho egeleza kithi, agcwalise ubuthina bethu bonke, thina singaphili, kodwa uKristu uphila kithi." (Umbhali waziwa ngumhleli)

Usuku 39

## IZIMPENDULO EZIMANGALISAYO ZOKUNCENGELWA

"Incwadi yesibili yezinsuku ezingu-40 evela ku-D. Smith iyisibusiso esimangalisayo kimi. Abanye babantu engibakhulekele baye baba lenguquko eyi-180° ezimpilweni zabo. Phakathi kwezinsuku ezingu-40 ngaba lengxoxo ejulileyo engokomoya lomngane wami. Wangitshela ukuthi ukuphila Kwakhe kwakuthathe inkambo ehlukileyo emavikini ambalwa adluleyo. Wayelesidingo sokuthandaza, wayecabanga kakhulu ezwini likaNkulunkulu futhi wakwazi ukuvumela izinto zihambe kanjalo ezaziligugu futhi njalo ziqakathekile kuye ngaphambili. Ngaqunga isibindi ngamtshela mayelana lencwadi yezinsuku ezingu-40 futhi wamtshela lokuthi wayengomunye wabantu abahlanu engangibathandazela. Khona-ke waphendula ngokumangala okuhle: 'Ngakho-ke kutsho uphathekile kuyo yonke lento.'

Intombazane yenza isinqumo sokunikela ukuphila kwayo kuNkulunkulu ngokuphelela. Laloba wayelikholwa kusukela esemncane, wayephila ngaphandle kukaNkulunkulu. Wayengelakho ukuthakazelela okholweni futhi wabanjwa ngokupheleleyl ekuphileni kwakhe kwezwe. Useguquke ngokuphelela khathesi; bonke abamaziyo labambonayo khathesi bayamangala. Ufunda lami iBhayibhili khathesi njalo uhlanganyela ohlelweni lwezinsuku ezingu-40 ebandleni lethu njalo ufuna ukukhuthaza abanye ukuthi babe lempilo yokholo eqinisekileyo.

Enye intombazane, engayithandazelayo, kwadingeka ihlanganyele ekuqeqeshweni okwathatha iviki lonke njalo kwadingeka ahlale ezindaweni zokulala kanye labanye abahlanganyeli. Wayekhathazekile ngokuchitha lesi sikhathi labo bonke laba bantu angabaziyo. Ngolunye usuku ngaphambi kokuba ahambe ngamkhuthaza ngomthandazo futhi ngamtshela ukuthi kade ngithandaza ngaye isikhathi eside. Ngakho sathandazela ukuba uNkulunkulu amnike ukuthula kulesi simo futhi enze lokhu okuhlangenwe lakho kube yimpendulo yomthandazo. Ngesikhathi sokufunda wangitshayela ucingo wangitshela ngenjabulo ukuthi uNkulunkulu wenze into engakholakaliyo kuye. Wayengacini ngokumnika ukuthula okupheleleyo, kodwa wabuye wamnika isibindi sokungahlanganyeli kwezokuzijabulisa zakusihlwa, okunjengokwama-disco, utshwala, njll.

Ngemva kwezinsuku ezingu-40 ngilokhu ngithandazela laba bantu, njengoba ngizwile futhi ngibone izindlela ezinkulu uNkulunkulu aphendula ngazo umthandazo." A.M. (inguqulo efunyezweyo)

## INDLELA UNKULUNKULU ASEBENZA NGAYO NGOKUMELA

"Eminyakeni emihlanu edluleyo ngangingasaxhumani nhlobo lomuntu oqakathekileyo kimi. Wabonakala engayinaki imiyalezo yami. Ngangizwile ukuthi wayengasahambi enkonzweni eminyakeni emithathu edlule. (Wakhulela ebandleni.) Lokuthi wayeflelana lowesifazane

owayengayisuye umKristu. Ngabeka insizwa ehlelweni lwami lomkhuleko, laloba ngangingacabangi ukuthi kuzokwenzeka ngiphinde ngixhumane laye, njengoba ehlala amakhilomitha afika 600 njalo engkaze angiphendule.

Loba kunjalo, ngathandazela 'isitshengiselo sokuphila'.

Ngesikhatshana nje ngezwa ngokubhabhathizwa komfowabo okuzayo, okuyinto 'eyenzeka nje' njalo kwenzeka eduze kwami futhi kwakuyisikhathi sezinsuku ezingu-40 zomthandazo (ekuqaleni wawuhlelelwe olunye usuku). Nganquma ukuya futhi ukuyahlangan laye! Sakwazi ukuba lengxoxo ejulileyo futhi wangitshela ukuthi kwase kulesikhathi eside elesidingo esikhulu sokubuyela kuNkulunkulu, kodwa wayengenawo amandla okushintsha indlela yakhe yokuphila. Ngamtshela ukuthi okwamalanga angamatshumi amabili adluleyo bengimthandazela ngokujulileyo lokuthi ngitsho langaphambi kwalokho yena bengisehlelweni lwemikhuleko yami. Waphelelwa ngamazwi ukuthi kanye kanye ngalesi sikhathi yena wayezwe uNkulunkulu esebenza kuye.

Phakathi kwenkonzo yokomoya wathinteka kakhulu futhi lapho umfundisi wenza isicelo, ngangiyizwa impi eyayikhona kuye futhi emva kokuzabalaza isikhathi eside wacina eguqe ngamadolo waqala ukukhala. Wazinikela ngokwakhe kuNkulunkulu njalo! Ekupheleni kobusuku, wangitshela ukuthi usenqumile ukuba aphinde aye ebandleni futhi atshintshe indlela yakhe yokuphila. Wayegakhangelelanga ukuthi impelaviki yakhe izaphela ngale ndlela.

Emavikini ambalwa emva kwalokhu ngahlangana laye ku-conference yobufundisi bentsha, okwaphinda futhi kwamqinisa, kwamakha. Ngiyambonga uNkulunkulu ngokuphenduka komuntu othandiweyo." M.H.

## INCWADI YOMTHANDAZO NO. 148

## INKONZO YOMTHANDAZO YE-GENERAL CONFERENCE.

### Isimangaliso Sokusiliswa NguMoya

Kweyinye ikuseni ngemva kokuba ngifunde inkonzo yansuku zonke ku-www.revivalandreformation.org, ngaya engxenyeni ethi "Izinsiza Ezifakiwe". Lapho ngabona incwajana elesihloko esithi *Izinyathelo ZokuVuselela Umuntu* ekaHelmut Haubeil. Lapho ngifunda, ngabona ukuthi ngangingavami ukucela uMoya oNgcwele empilweni yami. Ngaya enkonzweni, ngakhonza nsuku zonke futhi ngenza lezifundo zeBhayibheli ezimbalwa. Kodwa ukuphila kwami okungokomoya kwakungelakho ukujula. Ngazizwa ngingela kuxhumeka kulo izulu. UNkulunkulu wawuphendula umthandazo wami futhi ngalangazelela okwengeziweyo.

Kuze kube khathesi ngase ngibone uNkulunkulu esebenza empilweni yami—Wayengisizile ekucindezelekeni futhi wangeseka esikhathini sobumnyama obukhulu—imizamo

yokuzibulala. Ngakhulela ngaphansi kwezimo ezinzima kakhulu. Kwase kuyiminyaka ngingaxhumani lobaba, kodwa muva nje sasikhulume ocingweni njengoba wayegula kakhulu futhi wayeselesikhathi eside esesibhedlela. Wayecabanga ukuthi ukuphila kwakhe kwase kuzaphela futhi ngokokuqala ngqá eminyakeni engu-60 waxolisa ngokuhlukunyezwa lokunganakwa kwemuli yethu. Ingxoxo yethu ayizange yenze isimo sibe ngcono, kodwa yaletha bonke ubuhlungu engangibuzwile engqondweni yami. Ngangilosizo oluncane kakhulu ngobudlelwano futhi ngangingasafuni ukuphila futhi nganquma ukuthatha impilo yami. Kodwa uNkulunkulu wangivikela futhi waqala ukupholisa amanxeba ami.

Ngalesi sikhathi, ngathola incwajana ethi *Izinyathelo ZokuVuselelwa Komuntu Siqu*. Ikhombisa izinyathelo zokugcwaliswa ngoMoya oNgcwele. Yeka utshintsho engiye ngaba lalo kusukela ngaleso sikhathi! Khathesi ngithandazela nsuku zonke ukugcwaliswa ngoMoya oNgcwele futhi angikwazi ukulinda ukubona ukuthi uNkulunkulu uzakwenzenjani ngokulandelayo empilweni yami. Kunzima kimi ukucela lokulindela eNkosini futhi ngithembele ukwethembeka kwayo, njengoba ngakhulela emulini elobunzima kakhulu. Kodwa ngifunda ukumethemba uBaba wami osezulwini futhi lokhu kumethemba kuthatha indawo yesidingo sami sokuba ngilawule yonke into futhi ngizivikele ebuhlungwini. Ngilangazelela ukukhululeka kuJesu futhi ngiholwe Nguye. Futhi ngibonga kakhulu ngeziphakamiso ezisencwajaneni ezingiholela esiphweni sikaMoya oNgcwele. Ngiye ngathola ukuthi lapho ngifunda iBhayibheli amazwi angena ngqo enhliziyweni yami. Akukhona nje ukufunda iBhayibheli, kodwa kulalokho okuyikuhlanganyela komuntu siqu kanye lobudlelwano obukhulayo loKristu. UNkulunkulu unginika ubudlelwano obujulileyo engangibulangazelela!

Ngangiyisebenzile inqubo yokumthethelela ngempela ubaba futhi ngacabanga ukuthi ngase ngithuthukile. Kodwa lapho ngifunda incwajana ethi (*Steps to Personal Revival*) uMoya oNgcwele wangibonisa ukucasuka okujulileyo ukuthi bengicabanga ukuthi nginqobile. Kanengi kakhulu sibambelela ekucasukeni njengokuthethelela okuthile okubi okwenziwa kithi. Kodwa ngifundile ukuthi kufanele siyiyeke leyi mizwa, uma sifuna ukwamukela uMoya kaNkulunkulu ngokugcweleyo. Kwadingeka ngenze isinqumo sokubadedela. Ngomusa kaNkulunkulu inhliziyo yami yanyakaziswa luzwelo ngobaba njengomuntu olahlekileyo futhi ngaqala ukuthandazela insindiso yakhe ngobuqotho. Ngokuphangisa ngemva kwalokho, ubaba

wabiza udadewethu futhi ekhala izinyembezi wamtshela ukuthi "UJesu uyangithanda, uJesu uyangithanda." Wamtshela ukuthi wayefunde ivangeli likaJohane futhi wahlabeka kakhulu ngokuthi uJesu wamfela. Wonke umuntu omaziyo wayethi: "Lokho akufani nhlobo laye!" Kodwa uNkulunkulu wayiphendula imithandazo yami ngendlela emangalisayo.

Muva nje ngi-ode amakhophi ayi-10 aleyi ncwajana futhi ngawanika amalunga ebandla lami—afuna lokuthandazela ukuhlala komoya ongcwele. Okwakhathesi, ngibonile ukuthi *Izinyathelo ZokuVuselela Umuntu* zithuthukise njani izimpilo zabo. Bangaki kithi abahamba indlela yethu njengamaKristu ngaphandle kokuxhuma emandleni kaMoya? Ngilovalo lokuthi abanengi bethu baya ebandleni, ngaphandle babukeke njengamaKristu alungileyo, kodwa bangelalutho ngaphakathi. Sengiqala ukuzwa lokho uNkulunkulu akuthembisayo: Angenza okungaphezu kwalokho esingakucela noma esikucabangayo. Ingabe ulenkinga efana leyami? UNkulunkulu angakugcwalisa ngoMoya Wakhe futhi akunike usizo lwangempela. Angakwenzela wena into efanayo njengoba Wenza kimi." D. A.

## IBANDLA ELISE LUDWIGSBURG/

## E-BADEN-WUERTTEMBERG, EJALIMANE

"Ekuqaleni sayifunda le ncwadi Yezinsuku Ezingu-40 njengabathatheneyo futhi sathola izinzuzo ezinkulu lezibusiso phakathi kwesikhathi somthandazo. Ngemva kwalokho, sahlela umhlangano womthandazo kabili ngesonto ebandleni njalo lokubala ugwalo lolu lamalunga ebandla. Sabona ngokusobala isibusiso sikaNkulunkulu lokuhola lokuzwa izimangaliso ezinengi phakathi kwezinsuku ezingu-40. Njengebandla uNkulunkulu wasivuselela: amalunga ebandla, ayengakaze abe ldsibindi sokukhuluma labantu angabaziyo, khonokho bakhuluma labantu abangabaziyo ngokuthanda kwabo. UNkulunkulu uyasibopha njengebandla sisondelane ndawonye ngomthandazo sindawonye. Saba lethuba lokuba lolwazi olukhethekileyo njalo lasekusekeleni abantu abahlanu esabathandazela phakathi kwezinsuku ezingu-40. UNkulunkulu wasebenza ngendlela ekhethekileyo ezimpilweni zalaba bantu. Ngokuphindiweyo baphinde baqhamuke abantu besuka esidaladeni besiza ngeSabatha enkonzweni. Siqhuba isifundo seBhayibhili kwezinye zalezi zimuli. Sebajayelana leSabatha ngama-video aku-inthanethi lencwadi ethi *The Great Controversy* futhi kwase kulesikhathi eside bedinga ibandla." UKatja loChristian Schindler, Seventh-Day Adventist Church eLudwigsburg (inguqulo efinqiweyo)

## OKWENZEKA NGENSUKU EZINGU-40

"Konke kwaqala ngesemina yaManyathelo Okuvuselela Umuntu Ngqo. Ngaleso sikhathi isifiso sakhula ngaphakathi kimi ukuthola uNkulunkulu ekuphileni kwami kwansuku zonke.

